# Okuqukethwe

1. Umpostoli kaJesu Kristu……………………………………………………….5
2. "Abafokazi"…………………………………..................................................10
3. Abantwana BakaNkulunkulu Abalalelayo….…………………….15
4. Izwi LikaNkulunkulu……………............................................20
5. Amatshe Aphilileyo………………………………..........................25
6. Ukuletha Ubufakazi Emhlabeni………….…………………….……31
7. Isicelo Esiya Kubayeni Nakumakhosikazi.............................36
8. Isimo Sokuziphatha komKrestu……......................................41
9. Umbhaphathizo Odingwa Yibo Bonke……………..…….……….46
10. Ukuphila Ukuphila Okusha………………………………………….....52
11. Uthando Oluvuthayo………..…………………..………………..…......57
12. Isicelo Esiya Kubaholi Bebandla .......................................62
13. Qondani, Nilinde……………………………………………………...67

- SOUTH AFRICA: Office 1302 Bram Fisher Towers

  20 Albert Street

  Marshaltown

  2001

- Contacts: Telephone & Fax +27 011 838 0265

  Website: www.sdarmsa.org.za

  Email: admin@sdarmsa.org.za

- POSTMASTER: P. O. Box 7950
  Johannesburg
  2000

# Isingeniso

Ngubani phakathi kwethu ongakaze adlule ezimweni ezifana nezikaPeter, umfundi ongagodli amazwi-na? Ubuntu bakhe ngokuqinisekile yilobo sonke esingalandisa ngabo, okungenani ngandlela-thize. Ukushiseka kwakhe nokuzimisela kwakhe ukwenza lokho okushiwo iNkosi yakhe kuyakhuthaza. Ngokuqinisekile ngezinye izikhathi singagcizelela ngamaphutha akhe, abangela amahloni futhi sikhuthazwe indlela aphinde avuka ngayo emva kokuwa. Indlela yokukhula uPeter abhekana nayo ngokuhola kukaNkulunkulu yamuletha ekubeni ngumpostoli ohloniphekile, onezincwadi ezimbili ezifanele ukubekwa ohlwini olungcwele lwemibhalo.

Ngalezizathu, izinyanga ezintathu ezilandelayo, abafundi besikolo seSabatha emhlabeni wonke jikelele bazoqondiswa *Kwizifundo Ezikhishwe Ezincwadini zikaPetro (1).* Amatshe aligugu eqiniso avela kulomuntu ophefumulelwe nguNkulunkulu enzelwe ukuqinisa uhambo lwethu neNkosi ezikhathini ezinzima.
Esinye sezihluthulelo encwadini kaPeter ukuthi abantu bakaNkulunkulu kufanele baphile ukuphila okwakha umzimba kaKristu ukuze babe ngofakazi emhlabeni omnyama owenziwe isono.
"Imvuselelo nenguquko kumele kuthathe indawo, ngaphansi kwenkonzo yoMoya Ongcwele. Imvuselelo nenguquko yizinto ezimbili ezihlukene. Imvuselelo ichaza ukuvuselelwa kwempilo yesimoya, ukuvuswa kwamandla engqondo nenhliziyo, ukuvuka ekufeni kwesimoya. Inguquko ichaza ukuhlelwa kabusha, inguquko yemibono nemicabango, imikhuba nezenzo. Imvuselelo angeke iveze izithelo ezinhle zokulunga ngaphandle kokuthi ihlanganiswe nenguquko yokuvuselelwa koMoya. Imvuselelo nenguquko kufanele zenze umsebenzi wazo omisiwe, futhi ekwenzeni lomsebenzi kufanele zihlanganiswe."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 128.

Ubufakazi obuthokozisayo buletha ukunxusa okunamandla omunye komunye wethu ukuthi sonke singathokoza ukuze sikhule esimoyeni njengoba sifunda incwadi yokuqala kaPeter. "Mfowethu, uma uthanda, ungaba yindoda enamandla kuNkulunkulu, unamathalenta ekhono uNkulunkulu akuphathise wona ukuba uligcine ukuze angcweliselwe enkonzweni Yakhe. Kodwa uma unganikeli konke kuKristu, ikhono lakho lizoba yingozi kuwe ubuqu nakwabanye, libaholele ekubeni bahambele kude neqiniso futhi baqhele kuKristu.

"Amalunga ebandla enikulo-adinga kakhulu ukwenzelwa. Kufanele abe netshiseko ejulile ngoKristu, athobeke, abekezele, abe nesihawu kakhulu, afundiseke, ahlonipheke kakhulu njengoKristu. Ngezimilo zawo kufanele abonise emhlabeni amandla angcwelisayo omusa. UNkulunkulu akathandi ukuthi, ngesimiso nangesibonelo, sivimbe indlela yalomsebenzi obalulekile. Ungasebenza noJesu-na? Ungabaqotho eNkosini eyakuthengayo-na? Ungabekela yini eceleni izindaba ezingabalulekile-na? Kufanele ubhapathizelwe okholweni olubanzi, uthando olukhulu. Udinga inhlonipho enkulu ngenxa yezinto ezibalulekile zaphakade."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, pp, 570, 571.

Ngokusizwa iNkosi masifake konke enhliziywweni njengoba sifunda!

*Igatsha leSikolo seSabatha leGeneral Conference*

ISABATHA, MBASA 6, 2024

## *Umnikelo weSabatha Lokuqala*

## *Uya ebandleni lase-Narang Mandi, ePakistan*

Isigijimi seSeventh Day Adventist Reform Movement safika ePakistan ekupheleni kwesentshuri yamashumi amabili. Abakhileyo ePakistan bayizigidi ezingu 241.5 nenkolo yabaningi ngamaIslam (96.47%), balandelwe ngamaHindu (2.14%) amaKristu (1.27%), futhi ezinye izinkolo yi-(0.11%). Ilizwe lethu lizungezwe i-Afghanistan, China, India, iArabian Sea neIran. Ezolimo zinomthelela ofinyelela ku20.9% ngesamba somkhiqizo wasekhaya. Umnotho wasePakistan uhlelwe njengonengeniso encane ukuthuthukisa umnotho. Isizwe sibalelwa kwizinga elimpofu kakhulu ngezintuthuko ezamiswa iUnited National Development Programme kanye ne World Bank.

Idolobha laseNarang Mandi limiswe esifundeni saseMuridke phakathi kwesifunda sasePunjab. Abantu abakhileyo kulesifunda bebonke bangu 500,000. Emashumini eminyaka kamuva, sithe sabamba imihlangano, amasemina neminye imisebenzi ukukhulisa ibandla phakathi kwabazalwane basePakistan. Ngisho naphakathi kobunzima esibhekene nabo, sakwazi ukugcina ukholo lwethu kuKristu. Manje imisebenzi yethu isabalele nakwamanye amazwe. Siqhubekela phambili ukuthuthukisa izindawo ezahlukene zomsebenzi weNkosi nokufinyelela kwezithunywa ngevangeli, imfundo yezempilo, ukuthuthukisa ubuholi, nokusungula izikhungo zemfundo, nokulungisa izakhiwo zamabandla amadala ePakistan.

“INkosi ikhuluma nabantu Bayo namuhla, ithi, thola intuba yokungena emadolobheni, umemezele iqiniso ngobulula nangokukholwa. Umoya Ongcwele uzosebenzela imizamo yakho ukucindezela enhliziyweni. Ungalethi izimfundiso ezingaziwa esigijimini sakho, kodwa khuluma amazwi alula evangeli likaKristu, lelo abasha nabadala abazoliqonda. Abangafundile kanye nabafundile kufanele baqonde amaqiniso esigijimi sengelosi yesithathu, kufanele bafundiswe ngobulula. Uma usondela kubantu futhi bekwamukela, thobisa inhliziyo phambi kukaNkulunkulu ufunde izindlela Zakhe.”-*Medical Ministry,* p. 229.

Yonke iminikelo yethu kufanele inikelwe ngenjabulo; izimfuno zikaNkulunkulu zizokwamukelwa nomsebenzi Wakhe uzobhekwa njengelungelo elifanele enxenye yemali ephathiswe ezandleni zethu. Abazalwane nodade abavela kwiPakistan Mission bayanibonga, bazalwane, nodade nabasha abathandekayo ngezipho zenu zesihle maqondana nalomsebenzi kulomhlaba onezinselela . . . . ”ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza” (2 Korinte 9:7).

*Abazalwane benu nodade abavela eBandleni lasePakistan*

**Isifundo 1** **ISabatha, Mbasa 6, 2024**

# Umpostoli kaJesu Kristu

**IVESI LEKHANDA: "INkosi yathi, Simoni, Simoni, bheka, uSathane unifunile ukuba anihlunge njengokolweni; kepha mina ngikunxusele ukuba ukukholwa kwakho kungapheli; wena-ke nxa usuphendukile, uqinise abafowenu" (Luka 22:31, 32).**

"Kwakungemva kokuba uPeter aholelwa ekulahleni ukuzethemba nokweyama ngokuphelele emandleni angcwele, yilapho athola khona ubizo lwakhe lokuba umalusi ongaphansi . . . . Kuze kube yilapho esefunde ubuthakathaka bakhe, nokwazi isidingo sokholwayo ukweyama kuKristu."-*The Acts of the Apostles,* p. 515.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Desire of Ages,* pp. 244-251.

## *NgeSonto* ***Ndasa 31***

### 1. UKUSABELA UBIZO LUKA-KRISTU

**a. Chaza ngoSimon Peter ehlangana noJesu okokuqala. Johane 1:40-42.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"UAndreya wazama ukwabelana ngenjabulo egcwalise inhliziyo yakhe. Ngokuhamba ayofuna umfowabo uSimoni, wathi kuye, 'Simfumene uMesiya.' USimoni akalindanga nangomzuzu isimemo. Naye wezwa intshumayelo kaJohane umbhapathizi, washesha waya kuMsindisi. Amehlo kaKristu ahlala phezu kwakhe, wafunda isimilo sakhe nomlando wokuphila kwakhe. Imvelo yakhe yokuba namawala, uthando lwakhe, inhliziyo enozwelo, ukufisa izinto ezinkulu nokuzethemba, umlando wokuwa kwakhe, ukuphenduka kwakhe, umsebenzi wakhe, nokufela kwakhe ukholo."-*The Desire of Ages,* p.139.

**b. Kungaphansi kwaziphi izimo uJesu abiza uPeter nomfowabo ngokusemthethweni ukuba babe ngaabafundi Bakhe-na? Mathewu 4:18-20.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ukulalela okusheshayo, okungangabazeki kwalabantu, ngaphandle kwesithembiso seholo, kubonakala kumangalisa; kodwa amazwi kaKristu esimemo ayehambisana namandla ashukumisayo. UKristu uzokwenza labadobi abathobekile, ngokuhlangana Naye, kube yindlela yokukhipha lamadoda emsebenzini kaSathane, futhi awabeke emsebenzini kaNkulunkulu."-*Gospel Workers,* p. 24.

## 2. UMFUNDI OQOTHO NOSHISEKELAYO

**a. UPeter wazibona enjani ekuqaleni kobufundi bakhe-na? Luka 5:8.**

---

"Ezinsukwini zikaKristu abaholi bezenkolo babantu babenomuzwa wokuthi bacebile ngengcebo yesimoya. Umkhuleko woMfarisi uthi, 'Nkulunkulu ngiyakubonga, ngokuba ngingenjengabanye abantu' (luka 18:11, R.V.), egcizelela umuzwa wexuku lakhe futhi, ngezinga elikhulu, nesizwe sonke. Kodwa esixukwini esasizungeze uJesu kwakunabathile ababenomuzwa wokuthi bampofu esimoyeni. Lapho ekudobeni okumangalisayo kwezinhlanzi amandla angcwele kaKristu embulwa, uPeter wawela ezinyaweni zoMsindisi wathi, 'Suka kimi Nkosi, ngokuba ngingumuntu oyisoni' (Luka 5:8); ngakho-ke isixuku esasibuthene phezu kwentaba kwakukhona imiphefumulo eyathi ngobukhona bokuhlanzeka Kwakhe, yazizwa ukuthi 'ilusizi, eyokuhawukelwa, impofu, ingephuphuthekayo, nehambaze' (Isambulo 3:17)."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 6, 7.

**b. Kuyini uPeter ayekukholelwa maqondana nokuthi uJesu wayengubani-na? Mathewu 16:13-16.**

"Kusukela ekuqaleni, uPeter wayekholelwa ukuthi uJesu unguMesiya. Abanye abaningi abalahlwa yicala ngokushumayela kukaJohane umBhapathizi, futhi owamukela uKristu, baqala ukungabaza umsebenzi kaJohane ngesikhathi esetilongweni futhi wafela khona; futhi babengabaza ukuthi uKristu unguMesiya . . . . Abafundi abaningi ababeshisekela futhi belindele ukuthi uJesu uzothatha isihlalo sobukhosi sikaDavide bamshiya lapho becabanga ukuthi akazimisele ukwenza lokho. Kodwa uPeter nabangane bakhe abazange bashiya inkonzo yabo. Indlela yokushudushudula kwalabo ababemdumisa izolo futhi namuhla bamenqaba akuzange kubulale ukholo lwabalandeli beqiniso boMsindisi. UPeter uthi, 'Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo.' Azange alinde inhlonipho evela ezulwini ukubeka umqhele eNkosini yakhe, kodwa wamamukela Yena ekuthotshisweni Kwakhe….

"UJesu waphendula uPeter, wathi kuye, 'Ubusisiwe wena, Simoni kaJona ngokuba inyama negazi akukwembulelanga lokhu kodwa uBaba osezulwini.'

"Iqiniso lelo uPeter alivuma liyisisekelo sokukholwa kwamakholwa. Yilelo uKristu ngoKwakhe amemezela ukuthi lingukuphila okuphakade. Kodwa ukuba nalolwazi akusona isizathu sokuzikhazimulisa. Akukho ukuhlakanipha noma ubuhle bakhe obembuliwe kuPeter. Umuntu angeke, ngokwakhe, afinyelele elwazini olungcwele . . . . Umoya wokutholwa kuphela ongembula kithi izinto ezijulile zikaNkulunkulu . . . . Umcabango wokuthi uPeter wazwisisa inkazimulo kaKristu yibona bufakazi bokuthi 'wayefundiswe nguNkulunkulu.' "-*The Desire of Ages,* pp. 411, 412.

## 3. UKUSHISEKELA IZIMPENDULO

**a. Yiziphi izibonelo eziseBhayibhelini ezibonisa umqondo kaPeter obuzayo futhi zembula ukuthi singakhula kanjani ngokukhulisa isimo sengqondo esifanayo-na? Mathewu 15:15; 18:21; 19:27; Marku 13:3, 4.**

---

"Asikho esinye isifundo esizokhulisa wonke umcabango, umuzwa, kanye nokulangazelela njengokufunda iMibhalo . . . . Lapha sifunda indlela yokuthuthukisa ukuphila kwanamuhla nendlela yokuvikela ukuphila kwesikhathi esizayo. Ayikho enye incwadi engenelisa imibuzo yengqondo nokunxanela kwenhliziyo. Ngokuthola ulwazi lwezwi likaNkulunkulu, nokuliqaphela, abantu bangase baphaphame ekujuleni okuphansi kokungazi nokwehliswa kwesithunzi ukuba babe ngamadodana kaNkulunkulu….

"Njengamandla afundisayo iBhayibheli alinakho ukuphikisana. Akukho okuzonikeza amandla kuwo wonke amakhono njengokudinga abafundi ukuba babambe iqiniso elimangalisayo leSambulo. Ingqondo kancane izobamba izihloko ezivumela ukuba ugxile kuzo. Uma igcwaliswa ngezindaba ezivamile zendawo, yehluleke kwizihloko eziphakeme kakhulu, izombasha futhi ibebuthakathaka. Uma kungadingeki ukuba ibhekane nezinkinga ezinzima, noma ukunwebeka ukuze iqonde amaqiniso abalulekile, emva kwesikhathi, izoncipha, futhi ilahlekelwe amandla okukhula….

"Ezwini likaNkulunkulu ingqondo ithola isihloko somcabango ojulile, nesifiso esiphakeme."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 24, 25.

"Labo abafuna ulwazi olukhulu bangafunda ngokuphepha esikolweni sikaKristu esizofakazela okuhle kwabo namuhla nephakade."-*An Appeal to Mothers,* p. 32.

**b. Lapho ukubuza okukhulu izindaba zesimoya kukhuthazwa (Johane 5:39), kunini lapho ilukuluku lolwazi lomuntu onempilo linomkhawulo-na? Duteronomi 29:29.**

"[USathane] uhlala njalo efuna ukuvusa umoya welukuluku lokungahloniphi, isifiso sokufuna ukwazi lokuthola izimfihlo zokuhlakanipha namandla angcwele. Ngemizamo yokufuna lokhu uNkulunkulu athokozela ukukugodla. Abaningi abanaki amaqiniso ambuliwe, futhi abalulekile ekusindisweni."-*Patriachs and Prophets*, pp. 54, 55.

"Akufanele sizame ukuphakamisa ngesandla esigabadelayo ikhethini amboza ngalo ubukhosi Bakhe ngemva kwalo . . . . Kungubufakazi bomusa Wakhe ukuthi kukhona imfihlakalo yamandla Akhe, kodwa agubuzelwe ngamafu asabekayo emfihlakalo nokufiphala; ngoba ukuphakamisa ikhethini elifihla Ubukhona Obungcwele kungukufa."-*The Review and Herald,* Mbasa 7, 1885.

## 4. UKHOLO OLUNCANE, UKUZETHEMBA OKUNINGI

**a. Kuyini okufanele sikufunde ngamava okuqala kaPeter alotshiwe okuhamba ngokukholwa-na? Mathewu 14:28-31.**

_______________________________________________________________________________

"[UPeter] kwakufanele agcine amehlo akhe ebheke phezulu kuJesu; kodwa wabheka phansi amagagasi ayaluzayo, nokholo lwakhe lwahluleka."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 273.

"Ngaphandle kokuthi akwenza kube ngumgomo wakhe ukubona uMsindiso ophakanyisiwe, nangokukholwa amukele ukufaneleka lokho okuyilungelo lakhe ukukubiza, isoni angeke sisindiswa njengoba uPeter wayengeke ahambe phezu kwamanzi ngaphandle kokuthi agcine amehlo akhe agxile kuJesu. Manje, kulokhu kuyinhloso ekhamelelayo kaSathane ukwemboza umbono kaJesu aholele abantu ukuba babheke umuntu . . . . Iminyaka eminingi ibandla belibheka kumuntu futhi lilindele okuningi okuvela kumuntu, kodwa singabheki kuJesu, okugxile Kuye amathemba ethu okuphila okuphakade."-*Testimonies to Ministers,* p. 93.

**b. Lapho uPeter esehlezi isikhathi eside noJesu, wazicabangela kanjani ngokweqile kanye nekhono lakhe lokumelana nesilingo esikhulu-na? Mathewu 26:33-35, 69-75.**

"Akukho lutho olucunula kakhulu uNkulunkulu noma oluyingozi emphefumulweni womuntu njengokuzidla nokwenelisa umina. Kuzo zonke izono yisona esingenathemba, nesingelapheki kakhulu."-*Christ's Object Lessons*, p. 154.

"Awkho umlando womunye wabafundi obonisa kangcono indlela kaKristu yokufundisa kunembali kaPeter. Onesibindi, onolaka, kanye nokuzethemba, oshesha ukuzwa futhi abhekele phambili ekwenzeni, uyashesha ukuziphindisela kodwa unomusa wokuthethelela, uPeter wayevame ukona futhi ngokuvamile wayethola ukusolwa . . . . Ngokubekezela, nangothando olungakhethi, uMsindisi wasebenzela umfundi Wakhe onamawala, ezama ukuhlola ukuzethemba kwakhe, futhi amfundisa ukuthobeka, ukulalela, nokuthemba.

"Kodwa inxenye kuphela eyathola isifundo. Ukuzithemba akuzange kwasishulwa….

"Kubo bonke, amava kaPeter anesifundo. Ukuzethemba, ukulingwa ukunqotshwa. Ukusebenza okuqinisekile kobubi akukalahlwa, uKristu ubengeke akuvimbela. Kodwa esandleni Sakhe welula ukumsindisa lapho amagagasi ekhukhula uPeter, kanjalo uthando Lwakhe lwafinyelela ekukhululweni kwakhe lapho amanzi ajulile ekhukhula umphefumulo wakhe."-*Education,* pp. 88, 89.

**c. Kungani iminyaka eminingi yobulunga ebandleni ingaqinisekisi amandla amakhulu okukholwa-na? Roma 11:20-22; 1 Korinte 10:12; 8:2.**

## *Ngolwesine* **_Mbasa 4_**

### 5. UMPOSTOLI OPHENDUKILE

**a. Kungani uNkulunkulu engasivimbi ngezikhathi zonke ekulandeleni indlela yethu, enolwazi lokuthi singagcina sisesonweni nasehlazweni-na? Isaya 48:17; Luka 22:31, 32.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"UKristu wathi kuPeter, ngaphambi kokumphika Kwakhe, 'Wena-ke nxa usuphendukile, uqinise abafowenu.' Luka 22:32. Lamazwi ayebalulekile emsebenzini obanzi nophumelelayo lowo abapostoli ababezowenza esikhathini esizayo kulabo okufanele beze ekukholweni. Ngoba lomsebenzi, amava kaPeter esono sakhe nokuhlupheka nokuphenduka amlungiselela. Kuze kufinyelel apho efunda ngobuthakathaka bakhe, ubengeke asazi isidingo sokholwayo sokwethembela kuKristu . . . . Manje, esephendukile futhi wamukelwa, . . Kwakufanele abhekane nezimvu namawundlu okufanele awanakekele ngomusa njengalokhu uKristu akwenza kuye."-*The Acts of the Apostles,* pp. 515, 516.

**b. Eminyakeni yakhe kamuva, isiphi isikhuthazo uPeter ophendukile asinikeza ezincwadini zakhe esiya kumakholwayo angaphansi kwesilingo-na? 1 Peter 3:14; 4:12-14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lezincwadi zinobufakazi bokuthi zabhalwa yilowo ukuhlupheka kukaKristu nenduduzo Yakhe kwenziwe kwavama; lowo umphefumulo wakhe wonke waguqulwa ngomusa, othemba lakhe lokuphila okuphakade laliqinisekile futhi liqinile."-Ibid., p. 517.

## *Ngolwesihlanu* **_Mbasa 5_**

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Lapho ngizwa izwi likaJesu libiza ngezimo ezihlukahlukene zokuphila, ngingaqiniseka kanjani ukusabela ngokushesha nangentshiseko njengoba kwenza uPeter-na?**
2. **Njengoba ubude beminyaka yokuzisho kobuKrestu bukhula, kuyini okungafanele, nakanye, ngikukhohlwe-na?**
3. **Ezikhathini zanamuhla seziphazamiso eziqhubekayo, kufanele ngiqondise kuphi imibuzo yami yemvelo uma ngithanda ukusindiswa ingunaphakade-na?**
4. **Yiziphi izimpawu zempilo engingaba sengozini ngazo ngokuzethemba nokuzenelisa-na?**
5. **Lapho ngiphambuka, ngingalingisa kanjani izifundo ezinhle ngalamava-na?**

**Isifundo 2** **ISabatha, Mbasa 13, 2024**

# "Abafokazi"

**"IVESI LEKHANDA: "Enithokoza ngakho, nokuba manje ngesikhashana, uma kudingeka, nidabukiswa ngezilingo eziyizinhlobo-nhlobo" (1 Peter 1:6).**

"Singabakhenkethi, izihambi nabafokazi, emhlabeni. Masingachithi imali yethu ekuneliseni izifiso uNkulunkulu asincenga ukuba sizicindezele. Kunalokho, masibe isibonelo esihle phambi kwabangane bethu. Masimele ngokufanele ukholo lwethu….Umfutho wakho mawuthokozise imiphefumulo ngobungcwele izimfuno zikaNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 452.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Great Controversy,* pp. 17-38.

## *NgeSonto* ***Mbasa 7***

### 1. INCWADI EYA KUBALALELI ABAKHETHEKILE

**a. UPeter ubhekisa kanjani kumaKristu ayehlakazeke eAsia Minor ngencwadi yakhe yokuqala eqondiswe kuwo-na? 1 Peter 1:1.**

________________________________________________________________________

**b. Lapho abalandeli bakaKristu beyizihambi kulomhlaba, uNkulunkulu ubabheka kanjani-na? 1 Peter 1:2; 2:9; Efesu 2:19.**

"Abantu bakaNkulunkulu-uIsrayeli weqiniso-noma ehlakazeke ezizweni zonke, usemhlabeni kodwa uyisihambi, kodwa ubuzwe bakhe busezulwini."-*Patriachs and Prophets,* p. 447.

"Isimo sokwamukelwa phakathi komkhaya weNkosi ukuthi siphume ezweni, sizehlukanise nomfutho wonke owonakalisayo. Abantu abakaNkulunkulu akufanele babe nokuhlangana nabakhonza izithombe noma zikweziphi izimo. Kufanele bafinyelele kwizinga eliphakeme. Kufanele behluke ezweni, futhi uNkulunkulu uthi, 'Ngizonamukela njengamalunga omkhaya Wami wasebukhosini, abantwana beNkosi yasezulwini.' Njengabakholelwa eqinisweni kufanele sehluke ngokwenza isono kanye nezoni. Ubuzwe bethu busezulwini.

"Kufanele siqonde ngokukhanyayo kakhulu ukubaluleka kwezithembiso zikaNkulunkulu azenzile kithi, sizithokozele ngokujulile kakhulu inhlonipho Yakhe asiphe yona."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 481.

## 2. ABAKHETHIWEYO BAKA-NKULUNKULU

**a. Lapho uPeter esibiza "abakhethiweyo" bakaNkulunkulu, ingabe kusho ukuthi uma sesikhethiwe ngeke silahleke-na? Chaza ngokuqhathanisa uJohane 15:16 no-Luka 3:8, 9; Luka 6:13-16 no-Johane 6:70, 71; Isaya 41:8, 9 no-Roma 11:20-23.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Lapho uJudasi ekhethwa yiNkosi yethu, indaba yakhe ayizange ibe yize. Wayenezi-mpawu ezithile ezinhle. Ekuhlanganeni kwakhe noKristu emsebenzini, ngokulalela izintshumayelo Zakhe, waba nethuba elihle lokubona amaphutha akhe. Waze wabekwa futhi yiNkosi yethu esikhundleni lapho azothola khona ukukhetha kwakhe ukuze athuthukise isimo sokuhaha noma asibone futhi asilungise. Wayephatha imali encane eqokelelwe ukupha abampofu kanye nezindleko ezidingekayo….

"Lemali encane kuJudasi bekuyisilingo esiqhubekayo . . . . UMsindisi wethu wamkhuza ngalomhawu wakhe. Lokhu kwaba buhlungu enhliziyweni kaJudasi, kwaze kwafinyelela lapho ngemadlana encane, wavuma ukukhaphela iNkosi yakhe. Kuzobakhona labo phakathi kwabagcini beSabatha abangenalo iqiniso enhliziyweni njengoJudasi."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, pp. 41, 42.

**b. Yiziphi izimiso ezinkulu zokukhethwa "ngokuya ngolwazi lwangaphambili uNkulunkulu "alumisileyo-na? 2 Peter 3:9; 1 Thimothi 2:4; Efesu 1:4, 5.**

"UBaba ubeka uthando Lwakhe phezu kwabakhethiweyo Bakhe abahlala phakathi kwabantu. Laba ngabantu uKristu abahlenga ngenani legazi Lakhe; futhi njengoba basabela ekudonseni kukaKristu, ngomusa omkhulu kaNkulunkulu, bakhethiwe ukuba basindiswe njengabantwana….Bakhe abalalelayo. Wonke ozozithoba njengomntwana, owamukela ukulalela Izwi likaNkulunkulu ngobulula bomntwana, uzoba phakathi kwabakhethiweyo bakaNkulunkulu."-*The Signs of the Times,* Masingana 2, 1893.

**c. Kuyini okufanele sikwenze ukuvikela ukukhethwa kwethu futhi sigweme ukuphinda isiphelo sikaJudasi esidabukisayo-na? 2 Peter 1:10; 3:17; 1 Johane 3:2, 3.**

"Uma sivuma imibandela iNkosi eyibekile, sizovikela ukukhethwa kwethu ensindisweni. Ukulalela okuphelele imithetho Yakhe kungubufakazi bokuthi siyamthanda uNkulunkulu, futhi asenzi lukhuni esonweni."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 6, p. 1079.

## 3. AMAZWI ENKUTHAZO

**a. Ngubani okubuyiselwa kuye yonke inkazimulo nokusikhetha ukusimisela ngaphambili insindiso-futhi kungani-na? 1 Peter 1:3; Amahubo 72: 18, 19.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ekuqaleni kwencwadi yakhe yokuqala inceku kaNkulunkulu eseyikhulile yabuyisela eNkosini yayo inkokhelo yokudumisa nokubonga. 'Makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu."-*The Acts of the Apostles,* p. 517.

**b. Yimaphi amazwi uPeter afuna ukududuza abazalwane ababhekene nokushushiswa okunzima-na? 1 Peter 1:3 (isigaba sokugcina), 4 Bheka kuHeberu 11:26.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Ngalelithemba lefa eliqinisekile emhlabeni owenziwe waba musha, amaKrestu asendulo ajabula, ngisho nangezikhathi zezilingo ezinzima nokuhlupheka. 'Enithokoza ngakho,' uPeter wabhala, 'nokuba kungokwesikhashana, uma kudingeka, nidabukiswa yizilingo eziyizinhlobo-nhlobo.' "-Ibid. pp. 517, 518.

**c. Kungani uNkulunkulu evumela izilingo, ukuhlupheka nobunzima ukuba kufike phezu kwabakhethiweyo Bakhe-na? 1 Peter 1:6, 7; Mathewu 5:11, 12.**

"Izilingo nezihibe yizindlela iNkosi ezikhethile zokufundisa nezimeko Zakhe azimisileyo zempumelelo. Lowo ofunda izinhliziyo zabantu wazi izimilo zabo ngcono kunabo ukuba bazazi. Uyabona ukuthi abanye banamandla futhi banozwelo lolo, uma luqondiswa kahle, lungasetshenziselwa ukukhulisa umsebenzi Wakhe. Ngokuhlinzekela Kwakhe uletha labantu ezikhundleni ezahlukene nakwizimo ezinhlobonhlobo ukuze athole ezimilweni zabo ubuthakathaka obufihlakele olwazini lwabo. Ubanikeza ithuba lokulungisa lobuthakathaka abalungiselele umsebenzi Wakhe. Ngokuvamile uvumela umlilo wezinhlupheko ubakhukhule ukuze bahlanzwe.

"Iqiniso lokuthi sibizelwe ukubekezelela isilingo kubonisa ukuthi iNkosi uJesu ibona okuthile okuyigugu kithi efisa ukukukhulisa….INkosi ivumela abakhethiweyo Bayo ukubekwa esithandweni sezinhlupheko ukuze bafakazela isimo sokuthi bangabunjelwa umsebenzi Wakhe."-*The Ministry of Healing*, p. 471.

## *Ngolwesithathu* ***Mbasa 10***

### 4. AMAZWI MAQONDANA NOKUKHOLWA

**a. Ngeyiphi indlela kuphela uNkulunkulu angasiletha ngayo "ensindisweni-na"? 1 Peter 1:5; Luka 8:48.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Ukukholwa kuKristu okusindisa umphefumulo akusikho lokho okufanekiswa ngabaningi ukuthi kuyikho.'Kholwa, kholwa,' ukukhala kwabo; kholwa kuKristu kuphela, uzakusindiswa. Yilokhu kuphela okumele ukwenze.' Kuyilapho ukukholwa kweqiniso kuthembela kuKristu ngokuphelele ukuze usindiswe, kuzokuholela ekuvumelaneni ngokuphelele nomthetho kaNkulunkulu. Ukukholwa kubonakala ngemisebenzi."-*The Review and Herald,* Mfumfu 5, 1886.

"Ukuze sigcinwe emandleni kaNkulunkulu ngokukholwa, okufiswa yingqondo kufanele njalo kwenyuke ngomkhuleko othulile wokucela usizo, ukukhanya, amandla, nolwazi. Kodwa umcabango nomkhuleko angeke kwathatha indawo yokuzimisela, ukuthuthuka okuthembekile kwesikhathi. Umsebenzi nomkhuleko kokubili kuyadingeka ukuphelelisa isimilo soMkrestu."-*God's Amazing Grace*, p. 317.

**b. Kungani ukukholwa kudinga izilingo-na? 1 Peter 1:7; Jobe 23:10; Jakobe 1:3.**

________________________________________________________________________________

"Kwimpilo yokukholwa yomphefumulo ngamunye onqobayo ekugcineni kuzobakhona izehlakalo zokudideka okwesabekayo nezilingo; kodwa ulwazi lweMibhalo luzomsiza ukuletha engqondweni izithembiso ezikhuthazayo zikaNkulunkulu, ezizoduduza inhliziyo yakhe ziqinise ukholo lwakhe emandleni kaSomandla . . . . Isilingo sokukholwa siyigugu kunegolide. Bonke kufanele bafunde ukuthi lena inxenye yomyalo esikolweni sikaKristu, ebalulekile ukuhlanza nokucwenga amanyela ezinto zomhlaba."-Ibid., p. 81.

**c. Umpostoli uPeter uchaza kanjani umsuka wokukholwa-na? 1 Peter 1:8, 9. Qhathanisa lokhu nencazelo kaPawule ngokukholwa. Heberu 11:1.**

"Masingakhohlwa nanini, ngisho nalapho sihamba esigodini, ukuthi uKristu unathi lapho sihamba ngokuthembeka ngokufana nalapho sisesiqongweni sentaba. Izwi lithi kithi, 'Angeke yini ugingqele umthwalo wakho phezu koMthwali wemiThwalo, iNkosi uJesu Kristu-na? Angeke uphile ohlangothini lwelanga elibalele lesiphambano-na?."-*Mind, Character, and Personality,* vol. 2, p. 811.

## *Ngolwesine* ***Mbasa 11***

### 5. IMFIHLAKALO YENSINDISO

**a. Kungani "ukusindiswa ngomusa" ngokukholwa, kubalula ukukuzwisisa emva kokuguqulelwa kukaKristu enyameni nokufa Kwakhe-na? 1 Peter 1:10-12; Luka 10:24; 1 Johane 1:1-3.**

____________________________________________________________________________

"Ngisho nabaprofethi ababethandwa ngokukhanya koMoya okukhethekile abazange bakuzwisisa ngokuphelele ukubaluleka kwezambulo ezenziwe….

"Nokho, bakufuna ngobuqotho bonke ukukhanya uNkulunkulu ayethanda ukukwembula…. Yeka isifundo sabantu bakaNkulunkulu esikhathini sobuKrestu, leziprofetho zanikezwa izinceku Zakhe!...ngenzuzo yabo! Qhathanisa ukushisekela kwabo okungcwele nokungakhathali okudelelekayo kulabo abathandwayo esikhathini sakamuva abaphatha ngayo lezipho zaseZulwini. Yeka ukukhuza kulabo abathanda ukuphila ngokunethezeka, ukungakhathali kokuthanda izwe elijabulela ukumemezela ukuthi iziprofetho angeke zaqondakala."-*The Great Controversy,* p. 344.

**b. Kungani icebo lensindiso liyimfihlakalo ngisho nakwizingelosi-na? 1 Peter 1:12 (isigaba sokugcina); 1 Korinte 4:9.**

____________________________________________________________________________

"Ngokuza ahlale phakathi kwethu, uJesu kwakumele embule uNkulunkulu kubantu nakwizingelosi…. Umhlaba wethu omncane uyincwadi eyisifundo sezulu nomhlaba. Inhloso kaNkulunkulu emangalisayo yomusa, iyimfihalakalo yothando oluhlengayo, isihloko leso 'izingelosi ezilangazelela ukusibhekisisa.' Futhi sizoba imfundo yazo iminyaka engapheli. Abahlengiweyo nezidalwa ezingawelanga esonweni zizothola esiphambanweni sikaKristu ulwazi lwengoma yazo."-*The Desire of Ages,* pp. 19, 20.

## *Ngolwesihlanu* ***Mbasa 12***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kuyini okumele kungikhumbuze ukuthi ngingumfokazi, nesihambi, kulomhlaba-lowo okungafanele azizwe esekhaya lapha-na?**
2. **Ngingalondoloza kanjani ukukhethwa kwami nensindiso yami-na?**
3. **Kuyini engingahloma kangcono ukuze ngithwale izilingo nezivivinyo ngesibindi-na?**
4. **Kuyini okuthanda ukwenza buthakathaka-noma kunike amandla-ukholo lwami-na?**
5. **Ngingalondoloza kakhulu kanjani isikhathi ngifunde ngecebo lensindiso ngokujulile-na?**

# Abantwana Abalalelayo BakaNkulunkulu

**IVESI LEKHANDA "Senihlambululile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso, nize nithande abazalwane ngokungazenzisi, thandanani ngokupheleleyo omunye nomunye ngenhliziyo" (1 Peter 1:22).**

"Uma sibambelela kuKristu ngokukholwa, umsebenzi wethu yilapho uqala khona. Wonke umuntu unemikhuba eyonakele futhi enesono okumele ayinqobe ngempi enamandla. Wonke umphefumulo uyadinga ukuba ulwe ukulwa kokukholwa."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 20.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Steps to Christ,* pp. 43-48.

## *NgeSonto* *Mbasa 14*

### 1. UKUKHETHA IMICABANGO YETHU NGOKUCOPHELELA

**a. Ngokuya ngeZwi likaNkulunkulu, ukulalela kweqiniso kuqala kuphi-na? 1 Peter 1:13, 14; Roma 12:2.**

________________________________________________________________________

"Yonke imvuselelo yeqiniso iqala ngokuhlanza umphefumulo. Ngokugezwa kokuzalwa kabusha nokwenziwa ibentsha ingqondo ngamandla oMoya Ongcwele, lapho inguquko yenziwa khona ekuphileni.

"Ngokubhekka kuKristu siyaguqulwa. Uma ingqondo ihlezi ezintweni zesikhashana njalo, zonke lezinto ziyadonsa, futhi zithinta isimilo, ukuze inkazimulo kaNkulunkulu ingabonwa futhi ikhohlakale. Amathuba atholakalayo ukuze bazi izinto zasezulwini, awanakwa. Ukuphila kwesimoya kuyafa."-*Sons and Daughters of God,* p. 105.

**b. Igijimela kuphi inkambo yemvelo yemicabango nezisusa zomuntu-na? Genesis 6:5; Jeremiya 17:9.**

________________________________________________________________________

**c. Kuyini esizokwenza uma sibona ukuthi imicabango nezisusa zethu zingcolile-na? Izenzo 8:22.**

## 2. UKUHLUZEKA KOMCABANGO

**a. "Singazibopha kanjani izinkalo zengqondo yethu" ngomqondo wangempela-na? Genesis 4:7.**

____________________________________________________________________________

"Labo abangeke bawa njengezinkwali zamacebo kaSathane, kufanele balinde kahle zonke izindlela zomphefumulo; kufanele bagweme ukufunda, ukubheka, nokuzwa lokhu okuzoletha imicabango engcolile. Ingqondo akufanele ishiywe ukuba izulazule phezu kwezihloko zonke lezo isitha semiphefumulo ezisilethayo. Inhliziyo kufanele ibe ngumlindi othembekile, noma ububi bangaphandle buzovusa ububi ngaphakathi, futhi umphefumulo uzozulazula ebumnyameni. 'Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo,' kubhala uPeter, 'nizithibe.'."-*The Acts of the Apostles,* p. 518.

**b. Kungani kubalulekile kakhulu ukulawula imicabango yenhliziyo yethu-na? Izaga 23:7 (isigaba sokuqala); 24:9 (isigaba sokuqala).**

____________________________________________________________________________

"Imicabango kufanele ilethwe ngaphansi kwentando kaNkulunkulu, nemizwa ngaphansi kolawulo lwesizathu nenkolo. Umcabango wethu asiwunikwanga ukuba ugijime ngesidumo ube nendlela yawo, ngaphandle komzamo wesenqabelo kanye nokuqondisa. Uma imicabango imibi, imizwa izophambuka; uma imicabango nemizwa kuhlangene kwakha isimilo esilungile. Uma sinquma ukuthi njengamaKristu akudingeki ukuba sibambe imicabango nemizwa, silethwa ngaphansi komfutho wezingelosi ezimbi, nokumema ubukhona bazo nolawulo lwazo. Uma sizinikela ngaphansi kokucindezela kwethu sivumele imicabango yethu ihambe emzileni wokucabangela, ukungabaza, nokuphindisela, angeke sajabula, nokuphila kwethu kuzofakazela ukwehluleka."-*The Review and Herald,* Mbasa 21, 1885.

**c. Kungani umpostoli uPeter esincenga ukuba sihlale sisangulukile "sibenethemba kuze kube sekupheleni" ngenxa yomusa? 1 Peter 1:13 umqhathanise nesahluko 5:8.**

____________________________________________________________________________

"Linda ngokwethembeka imicabango yakho. Gcina konke okusondela enhliziyweni yakho kuqine kahle. Kufanele ubeke imigoqo yokumelana nokusondela kukaSathane. Ukulinda ngesinye isikhathi kuyilapho abanye benganakwa angeke kwasisiza. Kukhona izingozi phambi kwethu okufanele sihlangabezane nazo, futhi ukuphepha kwethu kuphela kukuNkulunkulu."-*This Day with God,* p. 174.

## 3. BALEKELA IZINKANUKO ZAKUQALA UBE NGCWELE

**a. Yimiphi imicijo eyahlukahlukene yokuphila kwethu okufanele ibe nomqondo ohluzeke ngokwedlulele ukuze sibengcwele-na? 1 Peter 1:14, 15; 4:2, 3.**

_______________________________________________________________________________

"Makungabikho ozithophayo ngokuthi izono ezithokozelwe isikhathi eside zingayekwa kalula nje. Lokhu akulula. Sonke isono esithokozelwayo senza buthakathaka isimilo futhi siqinise umkhuba; ukonakala ngokomzimba, ingqondo, nokuziphatha kungumphumela. Ungase uphenduke ebubini obenzile, ubeke izinyawo zakho ezindleleni ezilungile; kodwa ukulolongwa kwengqondo yakho nokujwayelana kwakho nobubi kuzokwenza kubenzima kuwe ukuhlukanisa phakathi kokuhle nokubi. Ngemikhuba ephambukile eyakhiwe, uSathane uzokuhlasela kaningi-ningi."-*Christ's Object Lessons,* p. 281.

**b. Noma sihlala sikhunjuzwa ukuba sibe ngcwele (1 Peter 1:15, 16)-okungase kuzwakale ngandlela thize kungathi kungazuzwa ngemizamo yethu-empeleni, yiziphi izindlela ezinika amandla okuba ngcwele-na? Levi 20:7, 8; Filiphu 2:13; Thithu 3:5.**

_______________________________________________________________________________

"Noma singenakho ukufaneleka okungokwethu, ngobuhle obukhulu nothando lukaNkulunkulu siyavuzwa kungathi ukufaneleka kungokwethu. Lapho sesenze konke okuhle esingakwenza, asizinceku zalutho….Lokhu esikwenzile obekufanele sikwenze kuphela ngomusa kaKristu, akukho mvuzo ongowethu ovela kuNkulunkulu okusekwe phezu kokufaneleka kwethu.*"-The Review and Herald,* June 27, 1893.

**c. Emva kokucenga ukuba sisanguluke, kungani umpostoli esikhumbuza ngokwahlulela okuzayo-na? 1 Peter 1:17; Kolose 3:5, 6.**

_______________________________________________________________________________

"Umsebenzi wonke womuntu udlula phambi kukaNkulunkulu futhi kubhalwa ukuthembeka noma ukungathembeki. Eceleni kwegama ngalinye ezincwadini zezulu kubhalwa ngesinwe esesabekayo izwi ngalinye eliphambukile, isenzo ngasinye sokuzifunela, wonke umsebenzi ongenziwanga, nasosonke isono esifihlakele, naso sonke isenzo sobuqili benkohliso. Izixwayiso ezithunyelwa yizulu noma ukusola okunganakwa, izikhathi ezichithiwe, amathuba angathuthukiswanga, umfutho ocindezelwe wokuhle noma wokubi, ngomphumela ofinyelela kude, wonke ubhaliwe yingelosi ethatha umbiko."-*The Great Controversy,* p. 482.

## 4. EHLENGIWE NGUKRISTU

**a. Kuyini uPeter akuletha njengesizathu esihle sokubeka phambili imizamo yokunqoba izinkanuko zakuqala akwanele, kodwa futhi kungumsebenzi wethu-na? 1 Peter 1:4, 18, 19; 1 Korinte 6:18-20.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Bonke abantu bathengwe ngenani elingapheli. Ngokuthulula ingcebo yonke yasezulwini kulomhlaba, ngokisinika uKristu usinike izulu lonke, uNkulunkulu uthenge intando, uthando, umphefumulo, nesidalwa sonke somuntu. Kungakhathaliseki ukuthi uyakholwa noma akakholwa, bonke abantu bayimpahla kaJehova. Bonke babizelwe umsebenzi Wakhe, futhi nangendlela abathe bahlangana nalolubizo, bonke kuzofanele balethe ukuziphendulela ngosuku olukhulu lokwahlulela."- *Christ's Object Lessons,* p. 326.

**b. Icebo lensindiso lasungulwa nini-na? 2 Thimothi 1:8, 9.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"UNkulunkulu wayenolwazi lwezehlakalo zesikhathi esizayo, ngisho nangaphambi kokudalwa komhlaba. Akazange Enza izinhloso Zakhe zivumelane nezimo, kodwa wavumela izinto ukuba zithuthuke futhi zifezeke. Azange asebenzele ukuletha imibandela ethile yezinto, kodwa ubazi ukuthi isimo esinjena sizobakhona. Icebo okumele lenziwe ekuphambukeni kwanoma yiziphi izihlakaniphi eziphakeme zezulu-lena imfihlo, imfihlakalo ebifihliwe kusukela ezikhathini zaphakade. Futhi umnikelo walungiswa ngenhloso yaphakade ukwenza wonke umsebenzi uNkulunkulu awenzele isizwe esiwileyo."-*The Signs of the Times,* Ndasa 25, 1897.

**c. Kuvela kuphi ngempela ukukholwa kuNkulunkulu-na? Roma 10:17; 1 Peter 1:21.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Akukho muntu ongadala ukukholwa. UMoya osebenza phezu kwengqondo yomuntu uyakhanyisa, udala ukukholwa kuNkulunkulu. EmiBhalweni ukukholwa kuthiwa kuyisipho sikaNkulunkulu, kunamandla ayise ensindisweni, akhanyisa inhliziyo yalabo abahlola iqiniso njengengcebo efihliwe. UMoya kaNkulunkulu ucindezela iqiniso enhliziyweni. Ivangeli kuthiwa lingamandla kaNkulunkulu kube yinsindiso ngoba nguNkulunkulu kuphela ongenza iqiniso libe ngamandla angcwelisa umphefumulo."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 7, p. 940.

## *Ngolwesine* **Mbasa 18**

### 5. UMQHELE WOKULALELA

**a. Emva kokuncenga amakholwa ukuba alwe nezinkanuko zangaphambili, mgomo muni umpostoli awubeka njengendlela yokugcina ukulalela-na? 1 Peter 1:22.**

"UPeter waqhubeka, 'bhekani ukuthi nithandane ngenhliziyo ehlanzekile neshisekelayo.' Izwi likaNkulunkulu-iqiniso-lingumzila lowo iNkosi embula ngawo uMoya namandla Akhe. Ukulalela izwi kuveza izithelo zenani elidingekayo.-uthando olungenakho ukuzenzisa kubazalwane.' Lothando lwenzalo yasezulwini futhi luholela kwizinhloso eziphezulu nezenzo ezingenabugovu."-*The Acts of the Apostles,* p. 519.

"Ngokubona ukuthi senihlambulile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso ngoMoya nize nithande abazalwane ngokungazenzisi . . . . Kubaluleke kangakanani-ke, futhi, ukuthi bonke ababamba lomsebenzi, labo abakhankasayo nalabo abasebenza ehovisini, balondoloze ngokwethembeka futhi benze izimiso ziphakeme kakhulu, isimiso esingcwele Sezwi likaNkulunkulu."-*The Publishing Ministry*, p. 297.

"Sidinga ukuthokozele uthando ezinhliziyweni zethu. Akufanele silungele ukucabanga okubi ngabazalwane bethu. Kufanele sibeke isakhiwo kancane phezu kwalokhu abakwenzayo noma lokhu abakushoyo. Kufanele sibe ngamaKrestu eBhayibheli. [1 Peter 1:22 ngokuphindwa.]. . .
"Kufanele sihlole isimilo nemicabango kanye nemizwa yethu, intukuthelo yethu, izinhloso, amazwi, nezenzo….Ngaphandle kokuthi sihlole ngokucophelela sivivinye izinhliziyo ngokukhanya kwezwi likaNkulunkulu, ukuzithanda kwethu kuzosenza sibe nombono ongcono kakhulu kunalowo okufanele sibenawo."-*This Day with God,* p. 83.
"Uma bekungekho ukusilela emaveni ethu, besingeke sacabangela abazalwane bethu. Yilowo onembeza wakhe omlahlayo okhipha isahlulelo ngokushesha. Ngamunye makathuthumele futhi azesabale ngokwakhe…. 'Njengoba senihlambulile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso, nize nithande abazalwane ngokungazenzisi."- *The Review and Herald,* Mfumfu 29, 1901.

## *Ngolwesihlanu* **Mbasa 19**

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kufanele ngenzeni uma umcabango owonayo noma ongcolile ungena engqondweni yami-na?**
2. **Kufanele ngihlole kangakhi inhliziyo yami mayelana nemvelo yezinhloso zami-na?**
3. **Ngingakhulisa kanjani umuzwa ojulile wokuhlanzeka ekuphileni kwami-na?**
4. **Yini engathuthukisa ngokugcwele ukubonga kwami inani uJesu angikhokhela lona-na?**
5. **Luqotho kangakanani uthando lwami kubazalwane bami-na?**

**Isifundo 4** **ISabatha, Mbasa 27, 2024**

# Izwi LikaNkulunkulu

**IVESI LEKHANDA: "Njengezingane ezisandu'ukuzalwa langazelelani ubisi olungokomoya olungenakonakala, ukuze nikhule ngalo kube ngukusindiswa."(1 Peter 2:2).**

"Izwi likaNkulunkulu liyimbewu. Yonke imbewu inesimo sokumila. Kuyo ukuphila kwesitshalo kwemboziwe. Kanjalo kukhona ukuphila ezwini likaNkulunkulu."-*Christ's Object Lessons* p. 38.

**Incwadi Enikeziwe:** *Messages to Young People,* pp. 189-191.

## *NgeSonto* ***Mbasa 21***

### 1. ISIDINGO ESIKHULU

**a. Yisiphi isimo esingumbandela wensindiso uJesu asinikeza abalaleli Bakhe-na? Johane 3:5-7; Mathewu 18:1-3.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

**b. Kuyini uPeter ayikhomba njengendlela esingaguquka ngayo (ukuzalwa-kabusha)? 1 Peter 1:23.**

"Ukuguquka kwenhliziyo esiba ngabantwana bakaNkulunkulu ngayo kuseBhayibhelini okukhunywa ngakho njengokuzalwa….

"Lapho iqiniso liba yisimiso esihlalayo ekuphileni, umphefumulo uzalwa kabusha, kungengowembewu ebolayo, kodwa engaboliyo, ngezwi likaNkulunkulu, eliphilayo nelihlala ingunaphakade. Lokuzalwa kabusha ngumphumela wokwamukela uKristu njengezwi likaNkulunkulu. Kanjalo ngoMoya Ongcwele amaqiniso angcwele acindezelwa enhliziyweni, imicabango emisha iyavuswa, namandla kuze kube manje abefihliwe ayavuswa ukusizana noNkulunkulu. UKristu ubengumambuli weqiniso emhlabeni. Ngaye imbewu engabolanga-eyizwi likaNkulunkulu-yatshalwa ezinhliziyweni zabantu.

"Izwi libulala imvelo, imvelo yasemhlabeni, futhi linikeza ukuphila okusha kuKristu Jesu-umfanekiso ongcwele."-*The Faith I Live By,* p. 19.

## 2. OKUPHAKADE vs OKUPHELAYO NOKONAKELEYO

**a. Yimaphi amazwi ayisiprofetho uPeter awasho lapho ekhuluma ngokuntenga kokuphila komuntu-na? 1 Peter 1:24; Isaya 40:6-8.**

_______________________________________________________________________________

**b. Kulo-lonke iBhayibheli, ukuphila komuntu kuqhathaniswa nani-futhi kungani-na? Amahubo 103:15, 16; Jakobe 4:14.**

"Asikho isikhathi esingasilahlekela. Asazi ukuthi umusa uzovalwa ngokushesha kangakanini. Empeleni, sinesikhathi esifushane sokuphila lapha, futhi asazi ukuthi umcibisholo wokufa ungashaya ngokushesha okungakanani ezinhliziyweni zethu….

"Ingabe sikulungele? Ingabe sesijwayelene noNkulunkulu, uMbusi wasezulwini, uMniki mthetho, noJesu Kristu amthumileyo emhlabeni njengommeli Wakhe? Lapho umsebenzi wokuphila ufinyelela ekupheleni, ingabe sizokwazi ukusho lamazwi, njengokwenza kukaKristu oyisibonelo sethu: 'Ngikukhazimulisile emhlabeni: Ngifezile umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze….Ngilikhazimulisile igama Lakho'? Johane 17:4-6."-*The Ministry of Healing,* p. 454.

**c. Ngokuphambene nokuphila komuntu njengotshani nomhwamuko, kuyini okumi phakade njengoNkulunkulu-na? 1 Peter 1:25; Amahubo 119:89.**

_______________________________________________________________________________

"Njengabakhi bezindlu phezu kwedwala, kusho uJesu, yilowo ozokwamukela amazwi engiwakhulume kini, ngawenza isisekelo sesimilo nokuphila. Emakhulwini eminyaka ngaphambili, umprofethi uIsaya wabhala wathi, 'Kepha izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube phakade' (Isaya 40:8); noPeter, emva kwesikhathi eside iNtshumayelo yaseNtabeni yanikezwa, enezela amazwi kaIsaya uthi, 'Yilo lelizwi levangeli elashunyayelwa kinina' (1 Peter 1:25). Izwi likaNkulunkulu liyinto eqinile umhlaba wethu oyaziyo. Isisekelo esiqinisekile. 'Kuyakudlula izulu nomhlaba, kepha amazwi ami awasoze adlula.' Mathewu24:35….

"Ngokwamukela izwi, samukela uKristu. Yilabo kuphela abamukela amazwi Akhe abakhela phezu Kwakhe…. uKristu, onguLizwi, uyisambulo sikaNkulunkulu-ukwambulwa kwesimilo Sakhe, umthetho Wakhe, uthando Lwakhe, ukuphila Kwakhe-yisona sisekelo kuphela esingakha phezu kwaso isimilo esiqinile.

"Kufanele sakhele phezu kukaKristu ngokulalela izwi Lakhe….Ubungcwele…ngumphumela wokunikela konke kuNkulunkulu."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* pp. 148, 149.

## 3. UKUSUSA IZINTO EZIKHUBEKISAYO

**a. Yisho ezinye izikhubekiso ezisivimbela ukuba samukele iZwi likaNkulunkulu njengoba linjalo kuJesu. 1 Peter 2:1, 2.**

"Yamukela ngokugcwala kwenhliziyo yakho amazwi kaKristu, futhi ube ngumenzi welizwi Lakhe. Angeke samukele izibusiso zothando nobukhona bukaKristu obungasilethela kona, uma sithokozela imizwa ezophazamisa ubunye uKristu abukhulekela bungase bubekhona phakathi kwababafundi Bakhe."-*The Review and Herald,* Ntulikazi 25, 1893.

"Umina yiwona kuqala okumele sibhekane nawo. Sola inhliziyo kakhulu. Ihlole ukuze ubone ukuthi kuyini okuvimbela ukungena kalula koMoya kaNkulunkulu."-*Our Hogh Calling,* p. 182.

"Akufanele kubekhona ukukhulunywa kwamazwi abukhali, makungabikho ukukhuza okutetemeyo, ngoba izingelosi zikaNkulunkulu zehla zenyuka kuwo wonke amagumbi. Amaphutha amancane angenziwa, kodwa amazwi okugxeka avusa imizwa yokuphindisela, noNkulunkulu uyahlaziswa….Amazwi akhulunywa ngaphandle kokucabanga noma ngokuphaphazela kufanele abuyiselwe emuva ngaleso sikhathi…. Lona ngumsebenzi wethu."-*In Heavenly Places,* p. 182.

**b. Nikeza izibonelo zendlela yolaka olungapheli, ukuzenzisa, nomhawu okuthe kwavimbela abantu ukwamukela iZwi likaNkulunkulu. Genesis 4:5-8; Marako 15:10; Izenzo 13:44, 45.**

"Imikhuleko yethu kaningi ibonakala ingatholi impendulo ngokushesha. Uma siletha izicelo Kuye, angaBheka ukuthi kusilungele ukuhlola izinhliziyo zethu nokuphenduka esonweni. Ngakho-ke usiletha esivivinyweni nasesilingweni, usiletha ekuthotshisweni, ukuze sibone okuvimbela ukusebenza koMoya Wakhe Ongcwele ngathi."-*Christ's Object Lessons,* p. 143.

"Umona akukona nje isiphambeko sentukuthelo, kodwa esokungalalaleli, esiphazamisa wonke amandla….

"Umuntu onomona uvala amehlo akhe ukuze angaziboni izimfanelo ezinhle nezenzo zabanye. Uhlala elungele njalo ukugcona nokuhlanekezela lokhu okuhle kakhulu. Abantu kaningi bavuma futhi bashiye ezinye iziphambeko, kodwa kuncane okungalindeleka kumuntu onomona. Njengoba ukumonela umuntu kungukuvuma ukuthi uphakeme, ozigabisayo angeke avuma noma yikuphi okuvumelana nakho. Uma kwenziwa umzamo ukubonisa umuntu onomona isono sakhe, uba nomunyu kakhulu….

"Umuntu onomona uhlakaza ubuthi lapho ehamba khona, ahlukanise abangani nokubhebhezela inzondo nokuhlubuka kuNkulunkulu nakubantu."-*Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 56.

## 4. UKUFISA UBISI LOQOBO LWEZWI

**a. Emva kokukhomba iZwi likaNkulunkulu njengamandla aguqula imiphefumulo yethu, "ukufisa" okunjani uPeter akuncengisisa ukuba sikusebenzise-na? 1 Peter 2:2.**

______________________________________________________________________

"Ukuqonda iBhayibheli kuyakhula njengoba nokufundwa kwalo kuqhubekela phambili….

"Akukho okucatshangelwa ukuqinisa ingqondo njengokufunda iBhayibheli. Ayikho enye incwadi enamandla kangaka akhulisa imicabango, ukunikeza amandla emzimbeni, njengobubanzi, bamaqiniso akhulisayo eBhayibheli. Ukuba izwi likaNkulunkulu belifundwa njengoba kufanele, abantu bebezoba nomoya wengqondo, isimilo esihle, esibonakala kancane kulezinsuku.

"Akukho lwazi olungaguquki, noluvumelanayo, olufinyelela kude, njengalolo olutholakala ekufundeni Izwi likaNkulunkulu."-*In Heavenly Places,* p. 135.

**b. Yisho isizathu esisodwa sokuthi kungani abantu benqaba ukufunda iZwi likaNkulunkulu. Johane 3:19, 20.**

______________________________________________________________________

"Awunakanga iMibhalo. Wadelela futhi wenqaba ubufakazi ngoba busola izono zakho ozithandayo eziphazamisa ukuzithokozisa kwakho."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 49.

**c. Kungani izazi zaseAthene zazichitha sonke isikhathi zisebenza, futhi iyiphi inkinga efanayo esibhekene nayo namuhla, ikakhulukazi ngokwehluleka ukuzithiba ekusetshenzisweni ngokungalinganiselwe kwe-internet kanye nezoxhumana-na? Izenzo 2:21-21-23, 32; 2 Korinte 4:3, 4.**

______________________________________________________________________

"Maye, uma abasha bengabonisa umfutho wezindaba ezibalulekile ezigxile engqondweni! Ingabe wena, emva kokufunda okungaka, uvula izwi likaNkulunkulu ufunde amazwi okuphila ngentakazelelo? Awutholi incwadi kaNkulunkulu inganambitheki-na?"-*The |Adventist Home,* p. 416.

"Abaningi benza buthakathaka ingqondo ngokufunda izimbali kanye namanoveli, futhi balahlekelwa ukulangazelela amazwi kaNkulunkulu. Baphelelwa amandla engqondo, futhi angeke bakwazi ukubhekana nemibuzo ebalulekile yokuphila nesiphelo sokukhanya okufanele, ngaphandle kokuba balahle lomkhuba."-*The Review and Herald,* Mbasa 14, 1891.

## *Ngolwesine* ***Mbasa 25***

### 5. UKUKHULA NGOKWESIMOYA

**a. Kuyini okungenakwenzeka uma singahlali singabafundi abakhuthele bezwi likaNkulunkulu-na? 2 Peter 3: 18 (isigaba sokuqala).**

"Umpstoli wanxusa amakholwa ukuba afunde iMibhalo engcwele, ngokuzwisisa okufanele baqiniseke ukuze basebenzele iphakade. UPeter wabona ukuthi amava omphefumulo ngamunye ozonqoba ekugcineni kuzobakhona izehlakalo zokudideka nezilingo; futhi abenolwazi lokuthi ukuqonda iMibhalo kuzosiza olingwayo alethe ekukhumbuleni izithembiso ezizoduduza inhliziyo ziqinise ukholo koNamandla Onke."-*The Acts of the Apostles,* p. 521.

**b. Iyiphi ingozi yalabo abathe banambitha "ukuthi iNkosi inomusa" kodwa badesele ukusebenzisa izwi likaNkulunkulu ezinhliziyweni zabo-na? 1 Peter 2:3; Heberu 6:4-6.**

"Abaningi babheka ngokuzithela ngabandayo iminyaka eminingi abathe bamela ngayo iqiniso. Manje bazizwa benelungelo lokuthola umvuzo wezilingo zabo ezidlule kanye nokulalela. Kodwa amava angempela ezintweni zikaNkulunkulu esikhathini esidlule kubenza babe necala lokwenziwe ngaphambili ngokungagcini ubuqotho nokuqhubekela phambili ekupheleni. Ukuthembeka onyakeni odlule akusoze kwahlawula ukunganakwa kwalonyaka. Ukuthembeka ngeqiniso komuntu izolo angeke kuhlawule amanga akhe anamuhla."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 63.

"Masiyifune iNkosi umuntu ngamunye. Makuthi labo amava abo esikhathini esidlule ebengumsebenzi osobala nje, mabasondele kuNkulunkulu."-Ibid., vol. 9, p. 216.

## *Ngolwesihlanu* ***Mbasa 26***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Yiziphi izithelo zamava enguquko yeqiniso-na?**
2. **Ngingazi kanjani ukuthi sengikulungele ukuhlangana neNkosi uma ngingafa namhla ebusuku-na?**
3. **Kukhona yini umzalwane noma udade ebandleni engingamthandi-na uma kunjalo, kungani-na? Ingabe imbangela yomuzwa wami ngabo ingafihlwa yinzondo noma umhawu-na?**
4. **Ngingacetshiswa kaningi kangakanani ukuba ngibenesifundo seBhayibheli umuntu uqobo-na?**
5. **Chaza umahluko phakathi kokukhula kuKristu noma ukuntengantenga-na?**

# *Umnikelo weSabatha Lokuqala Ngowe World Mission*

"Izulu limi lithukuthele ngokunganaki okubonakaliswa imiphufumulo yabantu. Ingabe siyazi ukuthi uKristu ukubheka kanjani lokhu-na? Ubaba noma umama uzozwa kanjani, uma engathola ukuthi umntwana wabo, udukile emakhazeni naseqhweni, futhi uthe wadlulwa, washiywa ukuba abhubhe, yilabo engabe bamsindisile-na?"-*The Desire of Ages,* p. 825.

Ngokwesimoya, zingobani ngempela lezingane ezidukile emakhazeni nakulo iqhwa-na"?

Izigidi nezigidi zemiphefumulo yabantu elungele ukubhubha, ziboshwe ngamaketanga okuswela ulwazi nesono, ayikaze izwe ukuthi uKristu uyabathanda. Uma ngabe isimo sethu besizogcinwa, kuyini ebesingafisa ukuba sibenzele yona-na? Konke lokhu, kusemandleni ethu, singaphansi kwesibopho esinzima kakhulu sokusebenzela bona."-Ibid., p. 640.

"Yonke indawo lapho ukukhanya kweqiniso kufanele kukhanye khona, ukuze izinhliziyo, ezilele ebuthongweni bokungazi, zingavuswa futhi ziguquke. Emazweni wonke nasemadolobheni ivangeli kufanele limenyezelwe."-*Evangelism,* p. 19.

"Kepha bayakukhuleka kanjani kuye abangakholwanga nguye-na? Bayakukholwa kanjani abangezwanga ngaye–na? Bayakuzwa kanjani, kungekho oshumayelayo-na? Bayakushumayela kanjani, uma bengathunywa-na?" (Roma 10:14, 15 isigaba sokuqala).

Ukushumayela ivangeli emhlabeni wonke kuyadingeka manje, lapho iminyango isavuliwe. Ngempela, kulokhu singananela amazwi kaJesu: "Ngimelwe ukusebenza imisebenzi yongithumileyo kusesemini; buyeza ubusuku, lapho kungesebenze-muntu. Ngisekhona ezweni, ngingukukhanya kwezwe" (Johane 9:4, 5).

"Akubona bonke abangaziyela mathupha yonke indawo lapho isigijimi sidinga ukuya khona kulomhlaba omnyama. Kodwa ukuthatha lesigijimi nokho kubiza okuthile kithi sonke. Isikhathi, ukunakekela, amandla, nemali kufanele kutshalwe ngenhliziyo yonke kulomsebenzi kufinyelele lapho wonke umhlaba ukhanyiswa ngenkazimulo kaNkulunkulu. Ukupha kwakho okuthembekile kulomsebenzi womhlaba kungenza umehluko omkhulu!

*Abazalwane benu kwigatsha leGeneral Conference*

# Amatshe Aphilileyo

**IVESI LEKHANDA: "Nakhiwe njengamatshe aphilileyo, nibe yindlu yokomoya, ubupristi obungcwele, ninikele ngemihlatshelo yokomoya eyamukelekayo kuNkulunkulu ngaye uJesu Kristu"(1 Peter 2:5).**

"Labo abalaziyo iqiniso lanamuhla kumele baqaphele ukuthi bezwa kanjani nokuthi bakha kanjani futhi babafundisa kanjani abanye ukuba balenze."-*Selected Messages,* bk. 3, p. 22.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Spirit of Prophecy,* vol. 2, pp. 272-274.

## *NgeSonto* *Mbasa 28*

### 1. OKWAFANEKISWA ESIKHATHINI ESIDLULE

**a. Ebhekisa kwisiprofetho sikaIsaya (Isaya 28:16), uPeter ufanekisa kanjani uJesu Kristu-na? 1 Peter 2:4, 6.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

**b. Yisiphi isehlakalo esingumlando lomfanekiso owakhelwe phezu kwaso-na? 1 Peter 2:7.**

"Ekwakhiweni kwethempeli likaSolomoni amatshe ayelungiswa enkwalini, ukuze uma elethwa….Izisebenzi ziwabeke kuphela endaweni efanele….

"Kwakungafanele kusetshenziswe ithulusi phezu kwetshe lapho lifika endaweni yokwakha. Kwalandwa itshe elilodwa elinesimo esingajwayelekile enkwalini ukuba lisetshenziswe ekusekelweni kwethempeli. Kodwa izisebenzi azibanga nendawo yalo….Labekwa laphaya lingasetshenziswa, abakhi babeligwema ngapha nangapha noma baqhuzuke phezu kwalo, becunulwa ukuba khona kwalo. Lahlala isikhathi eside liyitshe elinqatshiwe. Kodwa lapho abakhi befika ukubeka itshe legumbi, isikhathi eside befuna itshe elikhulu ngokwanele nelinamandla alingene….ukuthwala isisindo esikhulu ebelizohlala phezu kwaso. Kwakufanele bakhethe itshe ngokuhlakanipha, ukuphepha kwesakhiwo sonke kungaba sengozini….

"Ekugcineni ukunaka kwabakhi kwakhangwa yilelitshe elikhulu, futhi balihlolisisa ngokucophelela. Lithe lathwala zonke izivivinyo…Itshe lamukelwa, lalethwa endaweni yalo futhi latholakala lilingana ncamashi."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 3, pp. 36, 37.

## 2. ITSHE ELIYINHLOKO LEGUMBI

**a. Noma uJesu wametha uSimoni ngokuthi "uKhefase," elichaza "itshe" (bheka uJohane 1:42; Mathewu 16:18, 19), kungani uPeter engelona "idwala" lelo uKristu azokwakha ibandla Lakhe phezu kwalo-na? Mathewu 26:73, 74; Galathiya 2:11-13.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UPeter wayeshesha futhi eshiseka ngesenzo, enesibindi futhi engayekethisi; futhi uKristu wabona kuye izinto ezingaba yigugu kakhulu ebandleni."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 488.

"UPeter ubengelona idwala ibandla elisekelwe phezu kwalo. Amasango ehayidesi amehlula naye lapho ephika iNkosi yakhe ngokuthuka nokufunga. Ibandla lakhiwa phezu Kwalowo amasango ehayidesi angeke amehlula."-*The Desire of Ages,* p. 413.

"UKristu akazange abhekise kuPeter njengedwala azosekela ibandla lakhe. Inkulumo Yakhe ethi, 'Lelidwala,' yayibhekiswe *Kuye* njengesisekelo sebandla lobuKrestu. Ku-Isaya 28:16, amazwi afanayo enziwa…Yilona kanye lelotshe okukhulunywa ngalo kuLuka 20:17, 18…. NakuMarako 12:10, 11….

"Lemibhalo ifakazela ngokungaguquki ukuthi uKristu uyidwala elakhelwe phezu kwalo ibandla."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 2, pp. 272, 273.

**b. Nika ubufakazi bokuthi esikhundleni sokuba isisekelo sebandla, uPeter ubengomunye wabazalwane abahlukahlukene abaholayo. Galathiya 2:9; 1 Peter 5:1; Efesu 2:20, 21.**

________________________________________________________________________________
________________________________________________________________________________

"UJakobe waphatha kwisigungu [bheka Izenzo isahluko 15], nesinqumo sakhe sokugcina ukuthi, 'Isinqumo sami yilesi, ukuthi singabahluphi [Abezizwe]. '. . .

"Lokhu kwayiqeda ingxoxo yafika esiphelweni. Ngaleso sibonelo sinokuphikisa imfundiso yebandla lamaRoma aKatolike yokuthi uPeter uyinhloko yebandla . . . . Akukho lutho ekuphileni kukaPeter okunikeza imvumo yokuthi aphakanyiswe ngaphezu kwabafowabo njengesekela Lophezukonke."-*The Acts of the Apostles,* pp. 194, 195.

**c. Ngubani uPeter ambheka njengokuphela kwedwala eliqinile nesisekelo sangempela sebandla-na? 1 Peter 2:3-6.**

## 3. ITSHE ELIYISIKHUBEKISO

**a. Yisho uhlobo olulodwa olubhekiswe kuJesu nokuthi luhlobana kanjani nesigijimi sevangeli lezoni. 1 Peter 2:4 (isigaba sokuqala), 7.**

"Njengoba izwi lokuphila likhulunywa, impendulo yakho esuka enhliziyweni mayifakazele ukuthi uyasemukela isigijimi esivela ezulwini. Lena yindlela yakudala, ngiyazi; kodwa kuzoba umnikelo wokubonga kuNkulunkulu ngesinkwa sokuphila esinikelelwa umphefumulo olambileyo. Lempendulo ephefumulelwe ngoMoya Ongcwele izoba amandla omphefumulo wakho nesikhuthazo kwabanye. Izonikeza ubufakazi obuthile bokuthi kukhona endlini kaNkulunkulu amatshe aphilileyo akhipha ukukhanya."-*Testimonies for the Church,* volo. 6, p. 367.

**b. Sazi kanjani ukuthi nalabo abajwayelene neqiniso lanamuhla basengozini "yokukhubeka ngezwi-na"? Roma 9:31-33; 1 Peter 2:8.**

______________________________________________________________________________

"INkosi ngomusa Wayo omkhulu yathumela isigijimi esiyigugu kakhulu kubantu Bakhe ngoElders Waggoner no Jones [ku-SDA Generl Conference eyabanjelwa eMinneapolis ngo 1888]. Lesigijimi kwakufanele silethwe ngokugqamile phambi kwelizwe uMsindisi ophakanyisiwe, umhlatshelo wezono zelizwe lonke. Saletha ukulungisiswa ngokukholwa njengeSibambiso; sasimema abantu ukuba bamukele ukulunga kukaKristu, okwembuliwe ngokulalela yonke imiyalo kaNkulunkulu. Abaningi balahlekelwe ngumbono kaJesu. Badinga ukuqondise amehlo abo ebuntwini Bakhe obungcwele, ukufaneleka Kwakhe, nothando Lwakhe olungaguquki."-*Testimonies to Ministers,* pp. 91, 92.

"Abanye balokhu bakhulisa inzondo bebhekise kubantu uNkulunkulu abathumile ukuthwala isigijimi esikhethekile emhlabeni. Baqalisa umsebenzi kaSathane eMinneapolis. Emva kwalokho, lapho bebona futhi bezwa ukubonakaliswa koMoya Ongcwele ofakaza ukuthi lesigijimi sivela kuNkulunkulu, basizonda kakhulu, ngoba singubufakazi obumelene nabo. Babengeke bathobisa izinhliziyo zabo ukuba baphenduke."-Ibid., pp. 79, 80.

"Ngaboniswa isimo esiphansi sabantu bakaNkulunkulu….abaye basuka Kuye, futhi baba-sivivi. Banomcabango weqiniso, kodwa bantula amandla alo asindisayo."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 210.

"Isigijimi esiya kwibandla laseLawodekiya siyasebenza esimweni sethu. Isiithombe sibekwe ngokusobala ngalabo abacabanga ukuthi baneqiniso lonke, abazigabisa ngolwazi lweZwi lukaNkulunkulu, lapho amandla alo angcwelisayo engazange ezwakala ezimpilweni zabo."-*Faith and Works,* pp. 82, 83.

## 4. UKUBA YITSHE ELIPHILAYO

**a. UPeter ubonisa kanjani ukukhula koMkrestu-na? 1 Peter 2:5.**

**b. Kusho ukuthini ukuba "itshe eliphilayo" endlini kaNkulunkulu yesimoya-na? Efesu 4:13, 15, 16. Qhathanisa lokhu neSambulo 3:1 (isigaba sokugcina), 2.**

"Manje kufanele sisebenzele abantu abahlakaniphe kakhulu . . . . Lamatshe amaholo esizowaletha ngokungenzeka endaweni yokusebenza kaNkulunkulu lapho ezokwakhiwa abe zikwele, zonke izindawo ezimaholo zisuswe, apholishwe ngaphansi kwesandla esingcwele aze abe ngamatshe ayigugu ethempeleni likaNkulunkulu akhiphe ukukhanya. Kanjalo azokhula abengcwele ethempeleni likaNkulunkulu."-*Evangelism,* p. 573.

"UNkulunkulu akasoze amukele umsebenzi ongenziwa ngenhliziyo yonke, umjikelezo wemikhosi engenaye uKristu. Abantwana Bakhe bazakuba ngamatshe aphilileyo esakhiweni sikaNkulunkulu. Uma bonke bebengazinikela ngokuphelele kuNkulunkulu, uma bengayeka ukufunda nokuhlela ukuzijabulisa kwabo, uhambo lokuzijabulisa, ukuthanda inhlangano yokuzijabulisa, bafunde amazwi….bebengeke balambe noma bomele injabulo noma inguquko. Uma kuyintakazelelo yangempela yesimoya noma uma insindiso yabantu bethu yeyame ekwakheni kwethu eDwaleni Elingunaphakade, bekungeke yini kubengcono sizihlanganise ekufuneni lokhu okuzobamba isakhiwo sonke sifinyelele etsheni legumbi, ukuze singadideki futhi sijabhiswe ekukholweni kwethu."-*Fundamentals of Christian Education,* pp. 461, 462.

**c. Yimuphi "umhlatshelo wesimoya" ongcono esingawunikela kuNkulunkulu-na? 1 Peter 2:5 (isigaba sokugcina); Amahubo 51:17; 1 Samuweli 15:22 (inxenye yesibili).**

"Iminikelo yokushiswa nemihlatshelo beyingamukeleki kuNkulunkulu ezikhathini zasendulo ngaphandle kokuthi umoya ulungile isipho esilethwa ngawo. USamuweli wathi:… 'Bheka, ukulalela kuhle kunemihlatshelo, nokuqaphela kuhle kunamanoni ezinqama.' Yonke imali emhlabeni ayisoze yathenga isibusiso sikaNkulunkulu noma ukukulungisela wena unqobe okukodwa.

"Abaningi bangenza noma yini noma yikuphi ukuzidela ngaphandle kwalokho okufanele bakwenze, okungukuzinekela uqobo, bathobise intando yabo entandweni kaNkulunkulu."*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 84.

## *Ngolwesine* ***Nhlaba 2***

### 5. INGABE SIYILOKHO ESIZISHO UKUTHI SIYIKHO-NA?

**a. Yimaph amazwi eBhayibheli esetshenziselwa ukuzigabisa kwethu-na? 1 Peter 2:9 (isigaba sokuqala), 10.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

**b. Yiliphi ixuku labantu kuphela, amazwi angenhla avela ku 1 Peter 2:9 azosetshenziswa kubo 1 Peter 2:5, 9 (isigaba sokugcina); Mathewu 5:16; Roma 2:28, 29.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Lowo ingqondo yakhe ikhanyiselwe ngokuvula izwi likaNkulunkulu ekuqondeni kwakhe uzobona ukuziphendulela kwakhe kuNkulunkulu nasemhlabeni, futhi uzoba nomuzwa wokuthi amathalenta akhe kufanele athuthukiswe ngendlela ezoveza izithelo ezinhle kakhulu; ukuze abonise 'udumo lwaLowo' ombizile 'aphume ebumnyameni angene ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo.' 1 Peter 2:9. Lapho ekhula emuseni naselwazini lweNkosi uJesu Kristu, uzobona ukuthi ukungapheleli kwakhe, uzokuzwa ukungazi kwakhe ngempela, futhi uzofuna njalo ukugcina nokwelula amandla akhe engqondo, ukuze abe nguMkrestu ohlakaniphile."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students,* p. 37.

"UNkulunkulu unabantu abangeke bamukele uphawu lwesilo esandleni sabo sokunene noma ebunzini lwabo. UNkulunkulu unendawo yabantu Bakhe abazoyigcwalisa lapha emhlabeni, babonakalise ukukhanya."-*The Review and Herald*, Mbasa 15, 1890.

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlaba 3***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ngingaqiniseka kanjani ukuthi ngakhela phezu kukaJesu kunemibono yami-na?**
2. **UKristu wabona kuPeter izimpawu ezizoba lusizo olukhulu ebandleni. Kuyini engingakwenza ukuba ngenze ibandla lami libengcono-na?**
3. **Ngingaba sengozini kanjani yokubala iminyaka yokusebenza kwami ngokwethembeka ebandleni noma inqubekela phambili ngezindlela ezahlukene noma zenguquko njengemfanelo yensindiso-na?**
4. **Kuyini okungenza ngempela ngibe "itshe eliphilayo" etempeleni likaNkulunkulu-na?**
5. **Kuyini okubonisa "ukukhetheka" okungcwele koMkrestu okungafani nalowo ofuna ukubizwa ngegama kuphela-na?**

# Ukuletha Ubufakazi Emhlabeni

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba injalo intando kaNkulunkulu ukuba ngokwenza okuhle nithulise ukungazi kwabantu abayiziwula" (1 Peter 2:15).**

"Umqhele kaKristu kufanele uphakanyiswe ngaphezu kwemiqhele yabanamandla emhlabeni."- *The Acts of the Apostles,* p. 68.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 358-361.

## *NgeSonto* ***Nhlaba 5***

### 1. UKUGWEMA LOKHO OKULWISANA NOMPHEFUMULO

**a. Yiziphi ezinye izimpi ezibalulekile kakhulu nokho eziyinselela enkulu kuwo wonke umfokazi-na? 1 Peter 2:11; 1 Johane 2:15, 16.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Umpostoli uPeter wazwisisa ubudlelwano obuphakathi kwengqondo nomzimba, futhi waphakamisa iphimbo lakhe ukuxwayisa abafowabo: 'Bathandekayo, ngiyancenga njengabafokazi nezihambi ukuba nidede ezinkanukweni zenyama ezilwa nomphefumulo.' Abaningi babheka lamazwi njengesixwayiso esimelana nokuziphatha okubi kuphela; kodwa unikeza incazelo ebanzi. Wenqabela konke ukwanelisa okulimazayo kwesifiso sokudla noma inkanuko. Yonke inkanuko yokudla iphenduka impi. Isifiso sanikezwa ngenhloso enhle, singabi izikhonzi zokufa okuhlanekezelwe, kanjalo siphendukele ezinkanukweni ezilwa nomphefumulo.'…

"Amandla esilingo sokuzitika ngokudla angalinganiswa kuphela ngosizi olungenakushiwo loMhlengi wethu ekuzileni isikhathi eside ehlane. Ubazi ukuthi ukuzitika ngenkanuko ehlanekezelwe kuzobulala ukubona komuntu izinto ezingcwele ezingehlukaniswe…uma amandla enkanuko yokudla aqinile phezu kwesizwe, ukuthi, ukuze aphule ukubamba kwawo eNdodaneni kaNkulunkulu, ngenxa yomuntu, kwakufanele abekezelele ukuzila cishe amasonto ayisithupha, msebenzi muni ophambi kwamaKrestu! Nokho, noma umshikashika umkhulu kangaka, anganqoba. Ngosizo lwamandla angcwele….angabanakho, naye, ukuphumelela ngokuphelele kulempi nomubi, ekugcineni embathe umqhele wokunqoba embusweni kaNkulunkulu."-*Counsels on Diet and Foods,* pp. 166, 167.

## 2. UKUSHUMAYELA NGEMISEBENZI EMIHLE

**a. Kungani wonke amaKrestu eqiniso ebhekwa njengezihambi nanjengezitha kulomhlabana? 1 Peter 2:12; 1 Korinte 1:18, 23; 2:14.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"[UPawule] phakathi kwabalaleli bakhe abangamaJuda kwakukhona abaningi ababezocasulwa isigijimi azosimemezela. Ngokwesilinganiso sabeZizwe amazwi akhe ayezoba ubuwula obungenangqondo. Wayebhekwa njengonengqondo ebuthakathaka ozama ukubonisa ukuthi isiphambano singaba nokuxhumana kanjani nokuphakamisa isizwe noma ukusindiswa komuntu.

"Kodwa kuPawule isiphambano kwakuyinto eyodwa ayeyithakazela kakhulu."-*The Acts of the Apostles,* p. 245.

"Umoya welizwe awusavumelani nomoya kaKristu namuhla kunesikhathi esidlule, futhi labo abashumayela izwi likaNkulukulu ngobumsulwa balo bazokwamukela ngomusa omkhulu manje kunesikhathi esedlule. Izinhlobo zokumelana neqiniso zingaguquka, ubutha bungacasha ngobuqili obukhulu; kodwa impikiswano isekhona futhi izobonakala kuze kube sekupheleni kwesikhathi."-*The Great Controversy,* p. 144.

**b. Kuyini uPeter ayikhomba njengendlela engcono kakhulu yokushumayela ivangeli kanye nokusebenzela "ukungazi kwabantu abayiziwula-na"? 1 Peter 2:12, 15.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Abafundisi bethu nothishela kufanele bafanekise uthando lukaNkulunkulu emhlabeni owileyo. Ngezinhliziyo ezithambile nangesisa izwi leqiniso malikhulunywe. Bonke abaphambukile mabaphathwe ngobumnene bukaKristu. Uma labo obasebenzelayo bangamukeli iqiniso ngaleso sikhathi, ungasoli, ungabagxeki noma ubabeke icala, khumbula ukuthi kufanele ufanekise uKristu ngobumnene Bakhe nokuthobeka nothando. Kufanele silindele ukungakholwa nempikiswano. Iqiniso lihlala njalo lihlangabezana nalezinto. Kodwa noma kufanele uhlangabezane nempikiswano ebuhlungu, ungabadeli abamelene nawe….

"Kufanele ufunde ukuziphatha ngobumnene kulabo abenza iphutha, ngoba nawe kungekudala ubuphuphuthekile ezonweni zakho? Futhi ngenxa yokubekezela kukakristu ngenxa yakho, awukwazi ukuba nesihawu futhi ubekezelele abanye-na? UNkulunkulu usinikile imiyalo eminingi yokubonisa isihawu esikhulu kulabo abamelana nathi, hleze sinikeze umfutho emphefumulweni ngendlela ephambukile."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 120, 121.

## 3. UKUZINIKELA KOBUKRESTU

**a. Chaza isimo sengqondo okufanele sibenaso maqondana neziphathi-mandla kanye nemithetho yelizwe. 1 Peter 2:13-17.**

______________________________________________________________________________

"Umpostoli wachaza ngokusobala isimo leso amakholwa okumele abenaso maqondana namakhosi omhlaba: 'Thobelani izimiso zonke zabantu."-*The Acts of the Apostles,* p. 522.

**b. Nika izibonelo zalokhu okufanele kwenziwe ezimweni lapho umthetho welizwe ulwisana nomthetho kaNkulunkulu-futhi ngasiphi isimo sengqondo. Izenzo 5:29; Exodusi 1:15-17; Daniyeli 6:7-10, 21, 22.**

______________________________________________________________________________

"Ngabona ukuthi kungumsebenzi kuzo zonke izinto izimo ukuhlonipha imithetho yelizwe, ngaphandle kokuthi ingqubuzana nomthetho ophakeme uNkulunkulu awukhuluma ngezwi elinamandla eSinayi."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 361.

"Akudingeki ukuba sidelele iziphathi mandla. Amazwi ethu, akhulunywayo noma abhalwayo, kufanele anakekelwe, hleze thina….sibonakale siphikisana nomthetho kanye nohlelo. Akufanele sisho noma senze okuthize okuzovala indlela yethu. Kufanele siqhubekele phambili ngengama likaKristu, simela amaqiniso esinikwe wona. Uma abantu besenqabela ukwenza lomsebenzi, singasho njengabapostoli."- *The Acts of the Apostles,* p. 69.

"Lowo onomthetho kaNkulunkulu ulotshwe enhliziyweni yakhe uzohlonipha uNkulunkulu kunabantu…. Lokuhlakanipha namandla omthetho ongcwele baphakeme.

"Ngaboniswa ukuthi abantu bakaNkulunkulu, labo abayingcebo Yakhe ekhethekile, abasoze bahlanganyela empini enesiphithiphithi [The American Civil War, 1861-1865], ngoba imelana nesimiso senkolo yabo. Empini angeke balalela iqiniso ngaleso sikhathi futhi balalele izimfuno zabaphathi babo. Bekuzobakhona njalo ukwephulwa kukanembeza okuqhubekayo."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 361.

**c. Uma "siyizinceku" ezindaweni zethu zokusebenza, hlobo luni lwezisebenzi okufanele sibe yizo-na? 1 Peter 2:18; Kolose 3:23.**

"Kukhona ulwazi emsebenzini othobekile, uma bonke bangawubheka kanjalo, bangabona ukuhlonipheka emsebenzini."-*Fundamentals of the Christian Education,* p. 315.

## 4. UKUHLUSHWA NGOKUNGAFANELE

**a. Kufanele sibeyini isimo sethu sengqondo ngalabo abasiphatha kabi, abasikhubekisayo, abasidelelayo, noma abahleka usulu-na? 1 Peter 2:19, 20; Roma 12:19-21.**

__________________________________________________________________________

"Angeke kwasilungela ukuvumela umoya wethu ucasulwe yinoma yibuphi ububi bangempela noma isiphambeko esenziwe kithi. Umina yisona sitha okufanele sisesabe kakhulu. Alukho uhlobo lobubi noma umkhuba onomphumela owesabeka kakhulu phezu kwesimilo kunenkanuko yomuntu engekho ngaphansi kokulawula uMoya Ongcwele. Akukho okunye ukunqoba esingakuzuza okuzoba yigugu njengokunqoba umina.

"Masingavumeli imizwa yethu ukuba ilimale kalula, kufanele siphile, kungesikho ukulinda imizwa noma igama lethu, kodwa ukusindisa imiphefumulo. Noma kuyini okucabangwa abantu ngathi noma abakwenze kithi, makungaphazamisi ubunye bethu noKristu….

"Ungaphindiseli. Uma kungenzeka kuze kube manje, dedisa konke okuyimbangela yokungaqondi. Gwema konke okubonakala kukubi. Yenza konke okusemandleni akho, ngaphandle kokunikela isimiso, sokubuyisana nabanye….

"Lapho amazwi angenakubekezela ekhulunywa kuwe, ungaphenduli ngomoya ofanayo."-*The Ministry of Healing,* pp. 485, 486.

**b. Kungani uNkulunkulu evuma ukuba sihlupheke ezandleni zabantu abanonya nababi-na? Mathewu 5:11, 12, 43-48.**

"Ukuhlinzekela okumangalisayo okuvumela abalungile bahlupheke esandleni sababi kube yimbangela yokudideka okukhulu kwabaningi ababuthakathaka ekukholweni. Abanye bakulungele ukulahla ithemba labo kuNkulunkulu ngoba bahlupheka ngenxa yabantu ababi kakhulu ukuze baphumelele, lapho abahle nabahlanzekile behlushwa futhi bebulawa amandla anonya. Kungayiphi indlela, kubuzwa ukuthi, ingabe kukhona olungileyo nonomusa, onamandla angapheliyo, ebekezelela ukungalungi nokucindelwa okungaka-na? Lona ngumbuzo ongafanele ukuthi siwubuze. UNkulunkulu usinikile ubufakazi obanele bothando Lwakhe, futhi akufanele singabaze ubuhle Bakhe ngoba asingeke saqonda ukusebenza kokuhlinzekela Kwakhe….

"[UNkulunkulu] akakhohlwa noma anganaki abantwana Bakhe; kodwa uvumela omubi embule izimilo zabo zangempela, ukuze abangafisi ukwenza intando Yakhe bangakhohliswa maqondana nabo. Ngiyaphinda, abalungileyo bafakwa emlilweni wezinhlupheko, ukuze bona ngokwabo bahlanjululwe."-*The Great Controversy,* p. 47, 48.

## *Ngolwesine* ***Nhlaba 9***

### 5. UKULANDELA ISIBONELO

**a. Ngemva kokukhuthaza amaKrestu ukuba abhekane nezinhlupheko nokushushiswa ngenjabulo, kuyini uPeter akuletha njengesizathu esinamandla sokwenza kanjalo-na? 1 Peter 2:21-24.**

"UJesu wahlupheka ngenxa yethu ngaphezu kwanoma yimuphi wabalandeli Bakhe abahlupheka ngenxa yolunya lwabantu ababi. Labo ababizelwe ukubekezelela ukuhlushwa nokufela ukholo kodwa balandela emanyathelweni eNdodana ethandekayo kaNkulunkulu."-*The Great Controversy,* p. 47.

**b. Yimuphi umfanekiso okhuthazayo umpostoli awuletha ekupheleni kwemicabango yakhe maqondana nendlela okufanele sibhekane ngayo nezinhlupheko-na? 1 Peter 2:25; Johane 10:11.**

"UKristu ufanekiswa njengozingelayo, ofunayo, imvu elahlekile. Uthando Lwakhe olusihanqile, lusibuyisela emhlambini. Uthando Lwakhe olusinika ilungelo lokuhlala Naye ezindaweni zasezulwini."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 361.

"Izisebenzi zethu-abafundisi, othishela, odokotela, abaphathi-bonke mabakhumbule ukuthi bathembise ukusebenzisane noKristu…Kufanele bathokozele njalo umuzwa wothando loMsindisi, igunya Lakhe, ukuxwaya Kwakhe, ubumnene Bakhe. Mababheke Kuye njengomalusi nobhishobhi bemiphefumulo yabo. Kanjalo bazoba nozwelo nokusekwa yizingelosi zasezulwini. UKristu uzoba yinjabulo nomqhele wokujabula. Izinhliziyo zabo zizolawulwa uMoya Ongcwele, futhi bazoba nolwazi lweqiniso abangasoze baluzuza njengamakholwa nje."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students,* p. 284.

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlaba 10***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ngingakhululwa kanjani ebugqilini besifiso sokudla nenkanuko-na?**
2. **Kuyini okuzokwenza ukuphila kwami kube ubufakazi obuphilayo bamandla Evangeli-na?**
3. **Yiziphi ezinye izindlela engingabonisa ngazo kangcono ukulalela iziphathimandla-na?**
4. **Lapho ngimangalelwa ngamanga noma ngithethisiwe, kufane ibeyini impendulo yami-na?**
5. **Kuyini okuzongenza ngizimisele ngempela ukuhlupheka ngenxa kaJesu-na?**

**Isifundo 7** **ISabatha, Nhlaba 18, 2024**

# Isicelo Esiya Kubayeni Nakumakhosikazi

**IVESI LEKHANDA: "Ebona inkambo yenu emhlophe esekwesabeni" (1 Peter 3:2).**

"Ikhaya lingcwele kakhulu ukuba lingangcoliswa inhlamba, inkanuko, nokucwasana. Kukhona uFakazi othi: 'Ngiyayazi imisebenzi yakho.' Vumela uthando, iqiniso, umusa, nokubekezela kube yizitshalo ezikhuliswa ensimini yenhliziyo."-*Mind, Character, and Personality,* vol. 1, p. 157.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Adventist Home,* pp, 99-112, 177-180.

## *NgeSonto* ***Nhlaba 12***

### 1. IMFANELO YEBHAYIBHELI EVAME UKUNGANAKWA

**a. Yisiphi isimiso esibalulekile senjabulo yomndeni esivame ukwenqatshwa abesifazane namuhla-na? 1 Peter 3:1 (isigaba sokuqala); Efesu 5:22-24; Kolose 3:18.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Dade, wawulindeleni kumyeni wakho mhla nishada-na? Bewulindele ukuthatha izintambo zombuso ezandleni zakho, futhi ulethe intando yakhe ivumelane naleyontando ekhohlakele, enenkani-na? Kungakanani ukuphumula, ukuneliseka, ukuthula, nenjabulo umyeni wakho ayibonayo ekuphileni komshado wakhe-na? Kodwa kuncane kakhulu….Umfazi akufanele azibheke njengonodoli, okumele anakekelwe, kodwa owesifazane, kufanele abeke ihlombe lakhe ngaphansi kwemithwalo yangempela, kungesiyo ecatshangwayo, futhi aphile impilo enegqondo, ecabangelanayo, ngolwazi lokuthi zikhona ezinye izinto okufanele zicatshangwe ngaphandle kwakhe.

"Ucabanga ukuthi akukhona ukudumazeka kumyeni wakho ukuthi uthola lokhu uNkulunkulu angibonise lokhu oyikona-na? Ingabe wakushada enethemba lokuthi awuyi kuthwala imithwalo, ungahlanganyeli ekudidekeni, ungasebenzisi ukuzidela-na? Ubecabanga yini ukuthi awusoze wazizwa ungaphansi kwesibopho sokuzithiba, ukujabula, isihawu, nokubekezela, nokusebenzisa ingqondo ephusile-na?"-*Manuscript Releases,* vol. 17, pp. 310, 311.

**b. Iyiphi indlela ephumelelayo kakhulu yowesifazane oguqukile ukuze afinyelele kumyeni wakhe ongakholwayo-na? 1 Peter 3:1, 2; 1 Korinte 7:10, 13, 14.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

## 2. UKUTHUTHUKISA UBUDLELWANO OBUHLE

**a. Yisiphi isibonelo eBhayibhelini uPeter asisebenzisa njengesibonelo sobudlwalwane bomfazi kumyeni wakhe-na? 1 Peter 3:4-6. Chaza ukulingana okuvezwa kulobudlelwano. Genesis 21:9-12.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Umyalo owanikezwa uAbrahama ngokuthinta ubungcwele bobudlelwano bomshado kufanele ube yisifundo sezikhathi zonke. Umemezela ukuthi amalungelo nenjabulo yalobudlelwano kufanele anakekelwe ngokukhethekile, ngisho nangomhlatshelo omkhulu. USara nguyena inkosikazi kaAbrahama ngempela. Amalungelo akhe njengenkosikazi nomama kwakungekho omunye umuntu ayemfanele. Wayithobela indoda yakhe, futhi kulokho ufanekiswa kwiTestamende Elisha njengesibonelo esifanelekile. Kodwa wayengavumi ukuthi uthando lukaAbrahama lunganikezwa omunye, nenkosi ayizange imkhuze uma efuna ukuba ixoshwe imbangi yakhe."-*Patriachs and Prophets,* p. 147.

**b. Kuyini okuvame kakhulu okwenza indoda ibelusizi emndenini futhi kulimaze nesithunzi sayo emphakathini-na? Izaga 14:1; 25:24; 27:15; qhathanisa lokhu no 1 Peter 3:4.**

________________________________________________________________________

________________________________________________________________________

"Baningi abayeni nabantwana abangatholi lutho olukhangayo ekhaya, ababingelelwa njalo ngokuthethiswa nokukhononda, befuna intokozo nokuzijabulisa kude nasekhaya….inkosikazi nomama, umatasatasa ngokunakekela umsebenzi wasekhaya, uvamise ukungabi nendaba nenhlonipho yezinto ezincane ezenza ikhaya libemnandi kumyeni nabantwana, ngisho noma egwema ukugxila phezu kokukhathazeka nobunzima lapho ekhona. Lapho elungisa okuya ngasethunjini noma okokugqoka, umyeni namadodana bangena baphume njengezihambi.

"Lapho unkosikazi womuzi enza imisebenzi yakhe ebonakalayo ngesineke, angaba nokukhalaza njalo emelene nobugqila azolahlwa kubo, futhi enze ihaba kaningi lokuziphendulela kwakhe nezivimbelo ngokuqhathanisa isimo nokubheka ukuphila okuphakeme kowesifazane….kuyilapho elangazelela impilo ehlukile engenanzuzo, uzondla ngesono sokunganeliseki futhi wenze ikhaya lakhe lingabimnandi kakhulu kumyeni nabantwana bakhe."-*The Adventist Home,* p. 249.

"Unkosikazi womfundisi ongazinikelanga kuNkulunkulu akamsizi umyeni wakhe. Ngesikhathi egxile kwisidingo sokuthwala isiphambano, futhi ekhuthaza ukubaluleka kokuzidela, isibonelo sansuku zonke somkakhe kaningi siphikisana nokushumayela kwakhe futhi sicekela phansi amandla akhe."-*Gospel Workers*, p. 210. [1892 okucindezelwe.]

## 3. IZIMO EZIYINGOZI ZOKUZIQHENYA

**a. Owesifazane onguMkrestu uzenza kanjani ngokwakhe okhangayo-na? Izaga 31:25-29.**

"[Unkosikazi] kufanele ngenkuthalo enze konke okusemandleni akhe ukubophela umyeni wakhe kuye ngobuqotho obuqinile nokuthembeka ekwenzeni ikhaya lakhe lijabule futhi lithathekisa."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 598.

"UNkulunkulu akajabuli ngomuntu ongahlelekanga. Ubuvila, nokuswela isineke kunoma ngubani. Lobuthakathaka bungububi obunzima, futhi ekugcineni busnow uthando lomyeni kunkosikazi uma umyeni engumuntu othanda ukuhlekela….UNkosikazi nomama angeke alenze ikhaya libe ngelijabulisayo nelithokozisayo ngaphandle kokuthi abe ngothanda ukuhleleka, agcine isithunzi, abuse kahle; ngakho-ke bonke abehluleka kulomcijo kufanele baqale manje ukuba bazifundise kulendawo."-*The Adventist Home,* pp. 22, 23.

**b. Owesifazane ongakholwayo uvame ukuzama ukuthathekisa bani-futhi ubayini umphumela-na? Izaga 7:6, 7, 10, 18, 19; 2 Amakhosi 9:30; Isaya 3:16-26.**

"Kuzobakhona abesifazane abazoba izilingo, abazokwenza konke okusemandleni abo ukuheha futhi bazuze ukunaka kwamadoda kubo."-*The Review and Herald,* Nhlaba 17, 1887.

"Ingubo ekhangayo, ukuhlaphaza ngokugqoka kaningi kukhuthaza inkanuko enhliziyweni yalowo oyigqokile futhi kuvuse intshiseko eyisisekelo enhliziyweni yobukayo. UNkulunkulu ubona ukonakala kwesimilo okwandulelwa ukuzitika ngokuzidla nokuzikhukhumeza ngobuze ekugqokeni."-*Child Guidance*, p. 416.

**c. Lapho abesifazane abaningi abangamaKrestu bangeke ngokuphelele bafune ukuyengela abesilisa ekuphingeni, hlobo luni lokuziqhenya bonke abaxwayiswa ngalo-na? 1 Peter 3:3; 1 Thimothi 2:9.**

"Akukho okuba yisithiyo esikhulu kuwe [nomyeni wakho] njengokuziqhenya kwakho. Nobabili nithanda ukubukisa; lokhu akunanxenye enkolweni enhle, ethobekile."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 493.

"IBhayibheli lifundisa ukugqoka ngesizotha….Liyakwenqabela ukubukisa ngezambatho, imibala ebukhazikhazi, imihlobiso emininginingi. Noma yikuphi okusetshenziselwa ukudonsa ukunaka kogqokile noma ukuthakasela okufakwe engutsheni kuvimbela isizotha esiyalwa ngaso eZwini likaNkulunkulu.

"Ukuzidela ekugqokeni kuyinxenye yomsebenzi wobuKrestu bethu. Ukugqoka okulula nokugwema umbukiso wobucwebe nokuzihlobisa kwezinhlobo zonke kuhambisana nenkolo yethu."-*Child Guidance,* p. 423.

## 4. UMSEBENZI WOMYENI

**a. Emva kokuncenga amakhosikazi, kukhuza kuni okuqinile uPeter akuletha kubayeni-nomphumela wesimoya wokungakunaki-na? 1 Peter 3:7.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Indoda mayisizane nomkayo ngozwelo nangothando olungapheli. Uma efisa ukumgcina emusha futhi ejabulile, ukuze abe ukukhanya ekhaya, makamsize ukuthwala imithwalo yakhe. Umusa wakhe nothando nangenhlonipho kuye kuzoba yisikhuthazo esiyigugu, nenjabulo ayinikezayo izoletha injabulo nokuthula enhliziyweni yakhe."-*The Adventist Home,* p, 218.

**b. Nika isibonelo sokuthi indoda engakholwa ingenza kanjani owesifazane aphatheke kabi kubi. 1 Samuweli 25:3, 14, 17, 23-25.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Uma owesilisa enonya, ecindezela, ebukhali kulokho okwenziwa inkosikazi yakhe, angeke athola inhlonipho nothando kuye, nobudlelwano bomshado buzonyanyeka kuye. Angeke amthande umyeni wakhe, ngoba engazami ukumenza athandeke. Abayeni kufanele baqaphele, balalele, bathembeke, babe nesihawu. Kufanele babonise uthando nozwelo….Uma umyeni enesimilo esihloniphekayo, ehlanzekile ngenhliziyo, ingqondo ekhulisiwe, leyo wonke uMkrestu okumele abenayo, uzobonakala ebudlelwaneni bomshado….Uzofuna ukugcina unkosikazi wakhe ephilile futhi enesibindi. Uzozama ukukhuluma amazwi enduduzo, adale umoya wokuthula kwisiyingi somkhaya."-Ibid., p. 228.

**c. Kufanele sibenjani isimo sengqondo somyeni onguMkrestu ngempela maqondana nonkosikazi wakhe, ukumkhuthaza ukuba aphendule kahle naye-na? Efesu 5:25, 28, 33; Kolose 3:19.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Abayeni kufanele bafunde Isibonelo, futhi bafune ukwazi ukuthi kusho ukuthini ngophawu oluvezwe kwabase-Efesu…Umyeni kufanele abe nguMsindisi ekhayeni lakhe. Ingabe izoma yini ebudodeni bayo obuhloniphekile, aphiwe bona nguNkulunkulu, uzozama yini njalo ukuphakamisa umkakhe nabantwana-na?....Indoda ngayinye nobaba mayifunde ukuze iqonde amazwi kaKristu, kungasikho ngendlela yohlangothi olulodwa, ukugxila ekuthobeleni komfazi kumyeni wakhe, kodwa ekukhanyeni kwesiphambanweni saseKhalvari angafunda ngesikhundla sakhe kwisiyingi sasekhaya."-*Manuscript Release,* vol. 21, p. 216.

## *Ngolwesine* *Nhlaba 16*

### 5. AKUKHO "UNGQONGQOSHE" EMNDENINI WAMAKRESTU

**a. Kufanele busondelane kanjani ubuhlobo phakathi kwendoda nomfazi-na? Genesis 2:23, 24; Mathewu 19:4-6.**

"Makungabikho umyeni noma unkosikazi ozokwenza isicelo sokubusa. INkosi isibekile isimiso okufanele siqondiswe kulendaba. Umyeni kufanele athande inkosikazi yakhe njengoKristu ethanda ibandla. Inkosikazi kufanele ihloniphe futhi ithande umyeni wakhe. Bobabili kufanele bakhulise umoya omnene, bazimisele ukuthi bangalokothi badabukise noma balimaze omunye."-*The Adventist Home,* pp, 106, 107.

"Kufanele sibe nomoya kaNkulunkulu, noma angeke kwabakhona ukuthula ekhaya. Unkosikazi, uma enomoya kaKristu, uzoqaphela amazwi akhe; uzolawula umoya wakhe, uzozithoba, futhi angazizwa sengathi uyisigqila, kodwa umngani kumyeni wakhe. Uma umyeni eyinceku kaNkulunkulu, angeke abeyinkosi phezu kwenkosikazi yakhe; angeke abe ngongakhathali futhi abenamandla kuye. Angeke athokozela uthando lwasekhaya ngokunaka okukhulu; ngoba ikhaya, uma umoya weNkosi uhlala kulo, kukhona isibonelo sezulu….uma omunye enza iphutha, omunye uzobonisa ukubekekzela kukaKristu futhi angadonseli kude kuye.

"Makungabikho umyeni noma inkosikazi ofanele azame ukusebenzisa phezu komunye ukulawula ngokungakhathaleli umthetho. Ungazami ukucindezela omunye ukuthobela izifiso zakho. Awukwazi ukwenza lokho bese ugcina uthando lomunye komunye. Yiba nomusa, ubekezele, unyamezele, ubenozwelo, nenhlonipho. Ngomusa kaNkulunkulu ningaphumelela ukujabulisa omunye nomunye, njengoba nathembisa ezifungweni zenu zomshado."-Ibid., p. 118.

## *Ngolwesihlanu* *Nhlaba 17*

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ukuziphatha kwami nezwi lami kumlingani wami kubonisa kanjani ngokufanele izimiso uNkulunkulu aziqondise ngokusobala-na?**
2. **Kungani kufanele ngisheshe ukuvuma amaphutha ami futhi ngicele intethelelo kumlingani wami-na?**
3. **Kungani uNkulunkulu engibiza ukuthi ngilungele noma ngizimisele ukufela umlingani wami-na?**
4. **Ngingagwema kanjani ukukhohlisa nanini umlingani wami ngemicabango yami-na?**
5. **Kungani kungukuhlakanipha kumlingani wami nakimi ukuthi sicabange ngomkhuleko ukuze singabi necala lokuziqhenya-ngezingubo zokugqoka, amakhono okupheka, noma izinto ezifana nemoto, okuphathelene nogesi, indlu, nokunye-na?**

**Isifundo 8** **ISabatha, Nhlaba 25, 2024**

# Isimo Sokuziphatha KomKrestu

**IVESI LEKHANDA: "Okokugcina, manibe-nhliziyonye nonke, nihawukelane, nithandane ngokwabazalwane, nibe nobubele, nokuthobeka." (1 Peter 3:8).**

"Labo abathi bangabalandeli bakaKristu futhi ngesikhathi esifanayo benolaka, abanamusa, futhi bangamadlabha ngamazwi nangendlela abaziphatha ngayo abafundanga ngoJesu. Indoda enamaphutha, egabadelayo, egxekayo ayiyona umKrestu; ngoba ukuba ngumKrestu kusho ukufana noKristu."-*The Adventist Home,* p. 427.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Adventist Home,* pp. 421-429.

## *NgeSonto* ***Nhlaba 19***

### 1. UMKRESTU WEQINISO UYACHAZWA

**a. UPeter ufanekisa kanjani uMkrestu weqiniso-na? 1 Peter 3:8.**

________________________________________________________________________

"Ukubaluleka kwenhlonipho kuthokozelwa kancane. Abaningi abanesihawu ngenhliziyo baswela ukuziphatha ngomusa. Bonke abafuna inhlonipho ngobuqotho nokuthembeka ngeshwa baswela ngokudabukisayo inhlakanipho. Lokuntula konakalisa injabulo yabo futhi kuthikameze ukusebenzela kwabo abanye."-*Education,* p. 240.

**b. Yisiphi isimo sengqondo yoMkrestu esihlukile uPeter asigcizelela kakhulu-na? 1 Peter 3:9; Mathewu 5:44.**

________________________________________________________________________

"Bonke kufanele baphathwe ngesizotha esinozwelo, njengamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

"UBuKrestu buzokwenza umuntu abenesithunzi. UKristu ubenesizotha, futhi nakubashushisi Bakhe; nabalandeli Bakhe beqiniso bazobonakalisa umoya ofanayo."-*The Ministry of Healing,* p. 87, 489.

"Lenkolo isifundisa ukusebenzisa ukubekezela nokunyamezela uma silethwa ezindaweni lapho sizothola impatho eqinile nengalungile.

"Kukhona kaningi isidingo sokubekezela, ubumnene, ukuzidela, nokuzenza umhlatshelo ngokusebenzisa inkolo yeBhayibheli."-*God's Amazing Grace,* p. 248.

## 2. UKUQAPHELA AMAZWI ETHU

**a. Yisiphi isimiso esibalulekile uPeter asigcizelela kabusha njengombandela wokuphila okujabulisayo lapha, kanye nokuphila okuzayo-na? Amahubo 34:12, 13; 1 Peter 3:10.**

_______________________________________________________________________________

"USathane usebenza ebandleni ngalinye ukonakalisa umhlambi kaNkulunkulu….Ngiyaliwe ukusho kuwo wonke umphefumulo ofakazela ukuba ngumlandeli kaKristu, 'Makanqande ulwimi lwakhe kokubi, nezindebe zakhe zingakhulumi inkohliso.' Ngokuziphakamisa uSathane usebenza ukuchitha umphefumulo, futhi ukusebenza kwakhe kuyabonakala ebandleni ngalinye. Bazalwane bami nodade, gcinani ngokuqinile umoya wenu. Qaphelani amazwi enu, funa uSathane anihole ukuba niphinde umlando wakhe."-*The Upward Look,* p. 114.

**b. Nika izibonelo zabantu abephula lesimiso, nokuthi sibangela kanjani ukuphoxeka nehlazo, kakhulu kulowo owakhuluma kubo. 1 Samuweli 14:24-27, 43-45; Esteri 6:6-10.**

_______________________________________________________________________________

"Makungabikho nelilodwa izwi lokutetema, ubulikhuni, noma ukufutheka okuphuma ezindebeni zakho. Umusa kaKristu ulindele amandla akho. UMoya Wakhe uzolawula inhliziyo yakho nonenbeza, kubuse phezu kwamazwi akho nezenzo. Ungalahlekelwa inhlonipho yakho ngamawala, amazwi angenangqondo. Bheka ukuthi amazwi akho ahlanzekile, inkulumo yakho ingcwele."-*Child Guidance,* p. 219.

**c. Kungayiphi indlela ukuphulwa kwalesimiso kuzovimbela abaningi ukuphathiswa ukuphila okuphakade-na? 1 Peter 3:10 (isigaba sokugcina) qhathanisa noSambulo 14:5; 21:27.**

_______________________________________________________________________________

"Uma labo abasebenzisa itiye nekofi behlangana ndawonye ekuzijabuliseni komphakathi,…ulwimi lwabo luyakhululeka, bese baqala umsebenzi omubi wokukhuluma kabi ngabanye. Amazwi awekho mbalwa noma akhethwe kahle. Izindaba zokuhleba ziyadluliswa, ngokuvamile ziba ushevu lwehlazo. Labahlebi abangacabangi bayakhohlwa ukuthi banofakazi. UMlindi ongabonwa obhala amazwi abo ezincwadini zezulu. Konke lokhu kugxeka okungenamusa, imibiko eyihaba, imizwa enomona, evezwa ngaphansi kwenjabulo yenkomishi yetiye, uJesu uyibhala njengophikisana Naye."-*Counsels on Diet and Foods,* p. 423.

## 3. UKUFUNA UKUTHULA

**a. Yiziphi ezinye izimiso ezibalulekile zokuphila koMkrestu uPeter asikhumbuza zona-na? 1 Peter 3:11; Isaya 1:16, 17.**

**b. "Singagwema kanjani ububi senze okuhle-na"? Jeremiya 13:23 qhathanisa no 1 Korinte 6:9-11; Johane 3:5; Jakobe 4:7.**

"[Kulabo umpostoli ababhalelayo] uthi mabaveze ekuphileni kwabo inguquko ekhazimulayo eyenzelwe bona ngomusa kaKristu oguqulayo….abakwazi ukuguqula izinhliziyo zabo. Futhi uma ngemizamo yabo imiphefumulo ithe yaholelwa ukusuka ezindleleni zikaSathane ukuma ohlangothini lukaKristu, akufanele babize ukudumo ngenguquko eyenzelwe bona.

"Amandla kaNkulunkulu ayisici esisodwa sokwenza kahle umsebenzi omkhulu wokuthola ukunqoba umhlaba, inyama, kanye nesitha….Umuntu akanakufeza lutho ngaphandle kukaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wenza izinhlelo Zakhe ukuze angafezi lutho ekubuyiselweni kwesizwe soluntu ngaphandle kokubambisana komuntu nobungcwele. Inxenye yomuntu iyadingeka ukuqinisa isilinganiso esincane, kodwa kwicebo likaNkulunkulu leyonxenye encane iyadingeka ukwenza umsebenzi ubeyimpumelelo.

"Inguquko enkulu ebonakala ekuphileni kwesoni emva kokuphenduka ayilethwa yinoma yibuphi ubuhle bomuntu."-*God's Amazing Grace,* p. 319.

**c. Themba lini nesithembiso esinikezwa labo abazinikele emandleni aguqulayo eVangeli, nokho besanqotshwa izilingo ezinhlobo-nhlobo-na? 1 Peter 3:12; Johane 14:13, 14.**

"Ngokukholwa nangomkhuleko bonke bangahlangabezana nezimfuno zevangeli. Akukho muntu ongacindezelwa ukuba enze isono. Ukuvuma kwakhe kufanele kube yinzuzo yokuqala; umphefumulo kufanele uhlose isenzo sokona ngaphambi kokuba inkanuko ingabusa phezu kwengqondo noma ububi bunqobe unembeza. Isilingo, kungakhathaliseki ukuthi sinamandla angakanani, akusona neze izaba zokona. 'Ngokuba amehlo eNkosi aphezu kwabalungileyo, izindlebe Zayo zisekunxuseni kwabo.' Khalani kuJehova, miphefumulo elingwayo. Ziphonse, ungazethembi, ungafaneleki, phezu kukaJesu, futhi ufune kanye isithembiso Sakhe. UJehova uzokuzwa. Uyazi ukuthi kuqine kangakanani ukuthambekela kwenhliziyo yemvelo, futhi uzokusiza ngezikhathi zonke zokulingwa.

"Ingabe uthe wawela esonweni-na? Ngakho-ke ngaphandle kokulibala mfune uNkulunkulu ngomusa nokuthethelelwa."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 177.

## 4. UKWENZA OKUHLE NGOKUNGESABI

**a. Seluleko sini esiwusizo esinikezwa nguPeter, uma silandelwa, singasiza ukuxazulula izinkinga zobuhlobo-na? 1 Peter 3:13; Izaga 15:1.**

________________________________________________________________________

"Amazwi akhulunywayo lapho ephendulwa kumuntu othukuthele ngokuvamile asebenza njengesiswebhu, abange intukuthelo enkulu. Kodwa intukuthelo ehlangabezana nokuthula iphela ngokushesha. AmaKrestu mawabambe njengetomu ulwimi lwawo, anqume ngokuqinile ukungakhulumi amazwi alukhuni, nangenakubekezela."-*Messages to Young People,* p, 136.

**b. Kufanele ibenjani indlela yethu kubantu abangakwazi ukuzithoba kungakhathaliseki ukuthi siqaphela kanjani-na? 1 Peter 3:14, 16, 17.**

________________________________________________________________________

"UJesu ngoKwakhe akazange athenge ukuthula ngokuyekethisa izimiso…Izinceku zikaKristu zibizelwa emsebenzini ofanayo, futhi kufanele ziqaphele funa, lapho zifuna ukuvimbela ukungezwani, zinikela ngeqiniso….Ukuthula kweqiniso akusoze kutholakale ngokuyekethisa isimiso. Futhi akukho muntu ozoqiniseka esimisweni ngaphandle kokuphikiswa okujabulisayo. UbuKrestu obesimoya buzophikiswa ngabantwana bokungalaleli. Kodwa uJesu wanxusa abafundi Bakhe. 'Ningabesabi ababulala umzimba, bengenamandla okubulala umphefumulo.' Labo abathembekile kuNkulunkulu akufanele ukuba besabe amandla abantu noma ubutha bukaSathane. Kukristu ukuphila okuphakade kulondekile. Ukwesaba kwabo kuphela ukuthi hleze banikele ngeqiniso, kanjalo baphendukele iqiniso, futhi baphendukela ithemba lelo uNkulunkulu abahloniphe ngalo."-*Desire of Ages,* p. 356.

**c. Kufanele ubeyini umthombo wemisebenzi yonke emihle namazwi anomusa-na? 1 Peter 3:16 (isigaba sokuqala); Izenzo 24:16; Heberu 9:14.**

________________________________________________________________________

"EZwini likaNkulunkulu siyafunda ukuthi kukhona ukwazi okuhle nokubi, neqiniso lokuthi unembeza awukulahli ngokungagcini umthetho kaNkulunkulu, futhi akufakazeli ukuthi awulahlwa phambi Kwakhe. Nikela unembeza wakho eZwini likaNkulunkulu ubone ukuthi ukuphila kanye nesimilo kuvumelana nezinga lokulunga lelo uNkulunkulu alembulile lapho."-*The Review and Herald,* Mandulo 3, 1901.

## *Ngolwesine* ***Nhlaba 23***

### 5. UKWAZI LAPHO SIMI KHONA

**a. Yiziphi izizathu ezinkulu zokuthi kungani kufanele sifunde izwi likaNkulunkulu nsuku zonke-na? Joshuwa 1:8; Amahubo 119:11; 1 Peter 3:15; 2 Thimothi 2:15.**

________________________________________________________________________

**b. Iyiphi ingozi enkulu abaningi namuhla abathi bakholelwa eqinisweni lanamuhla-na? Hoseya 4:6.**

"Ingabe abasha basesimeni lapho bangaphendula ngesizotha nangokwesaba kumuntu wonke obuza isizathu sethemba labo-na? Ngabona ukuthi abasha bayehluleka kakhulu ukuqonda isimo sethu. Izehlakalo ezinzima ziphambi kwabo, isikhathi sohlupho esizovivinya ukubaluleka kwesimilo."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, pp. 507, 508.

"Isigijimi sanamuhla-ukulungisiswa ngokukholwa-isigijimi esivela kuNkulunkulu….

"Akukho ukuphepha uma singanaki ukuhlola iMibhalo nsuku zonke ukuze sithole ukukhanya nolwazi….Akekho noyedwa kwabayikhulu oziqondela ngokwakhe iqiniso leBhayibheli ngendaba ebaluleke kangaka yenhlalakahle yethu yanamuhla neyaphakade."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 359.

"Abaningi babheka abafundisi babo ukuba balethe ukukhanya okuvela kuNkulunkulu kubo….Abanjalo balahlekelwa okuningi. Uma bengalandela nsuku zonke uKristu….hleze bathole ulwazi olukhanyayo lwentando Yakhe, futhi kanjalo bazuza amava ayigugu. Ngokufuna lamava ngempela, abazalwane abafakazela iqiniso bahamba kumalangabi okhelwe ngabanye; abajwayelananga noMoya kaNkulunkulu futhi abanalwazi lwentando Yakhe, kanjalo bashukunyiswa kalula enkolweni yabo. Bamaqikaqika, ngoba bathembela kwabanye ukuthola amava abo."-*Testimonies for the Church,* vol. 2, p. 644.

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlaba 24***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ngiziphatha kanjani phambi komlingani wami, abantwana, abafowethu, nengisebenza nabo-na?**
2. **Yisho amanyathelo abalulekile asiqinisayo okuthi singalawula kanjani ulwimi lwethu.**
3. **Kufanele ngenzenjani uma nginqotshwa isilingo-na?**
4. **Chaza umehluko phakathi kwemisebenzi emihle namazwi anomusa avela kunembeza omsulwa umelene nesisusa sobugovu emzamweni wokwakha igama elihle.**
5. **Ngingathola kanjani ukuqonda okujulile ngenkolo engiyifakazelayo-na?**

## *Umnikelo WeSabatha Lokuqala*
## *Ngowe Foreign Mission Project in the Pacific Region*

Umsebenzi wokuhambisa isigijimi sevangeli kulomhlaba ngumsebenzi omkhulu kakhulu, ngenxa yemiphefumulo eminingi okufanele ithole izindaba ezimnandi zensindiso. INkosi ithi 'lelivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube-ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela" (Mathewu 24:14). UNkulunkulu uthanda umuntu ngamunye kwizigi ezingu 7. 8 zabantu kulomhlaba uthanda ukuba bonke babenethuba lokuphendukela Kuye.

Kukhona izinkolo eziningi esifundeni sasePacific ezihlanganisa inkolo yamaTaoism, Budhism, Islam kanye namaKrestu; noma kunjalo, iningi lizibonakalisa njengelingakholwa noma abangakholelwa kuNkulunkulu. Kunomsebenzi omkhulu ngempela okumele wenziwe lapha.

"Umhlaba wonke uvulelwe ivangeli. I-Ethopia ivule izandla zalo kuNkulunkulu. Ukusuka eJapan naseChina neIndia, ukusuka emazweni amnyama esifunda sethu, kwikota ngalinye lalomhlaba wethu, isikhalo siyezwakala ezinhliziyweni ezibulawa isono nolwazi lothando lukaNkulunkulu. Izigidi nezigidi azikezwa ngolwazi lukaNkulunkulu noma uthando Lwakhe olwembuliwe kuKristu. Yilungelo labo ukuthola lolulwazi. Banezimfuno ezilingana nezethu emuseni woMsindisi. Kungokwethu ukwamukela lolwazi, nabantwaa bethu esingabelana nabo, ukusabela isikhalo sabo."-*Education,* pp. 262, 263.

Noma ukusakazwa kwesigijimi kungeke kwaba nenkululeko efanayo kwezinye izindawo njengezinye, iqiniso linakho ukuthola indlela ezinhliziyweni zabantu futhi kukhona amakholwa amaningi ebandleni lama Reformer ezindaweni ongazilindele. KuleSabatha sicela nikhulekele lomsebenzi kakhulu, ukuze uNkulunkulu asisize ukuba siqhubekele phambili ukulungisela eminye imiphefumulo umbuso Wakhe.

Ukuze iqiniso liqhubekele phambili, izimali ziyadingeka kakhulu ukusiza ukwakha indlu yokukhonzela nokuqhubela phambili inhloso yeqiniso inxenye yakulensimu ebanzi yokusebenza. Siyacela ukuthi ninikele ngesihle.

"Njengoba imvula yehla ivela ezulwini, futhi iqhwa elivela ezulwini, futhi lingabuyeli emuva, kodwa linisele umhlaba, yenza ukuba kuqhume isitshalo bese imfumbe, ukuze inikeze imbewu kumlimi, kanye nesinkwa kulowo odlayo: Liyakuba njalo izwil lami eliphuma emlonyeni wami: aliyi kubuyela-ze kimi, lingakafezi lokhu engikufunayo, liphumelele kulokhu engilithumele kukho"(Isaya 55:11).

*Ngenxa yabazalwane bakho nodade abavela kude*

# Umbhapathizo Odingwa Yibo Bonke

**IVESI LEKHANDA: "Enisindiswa ngawo manje nani ngomfanekiso, okungukuthi ngombhapathizo, kungesikho ukususa insila yenyama kepha ukucela kuNkulunkulu unembeza omuhle, ngokuvuka kukaJesu Kristu" (1 Peter 3:21).**

"Nginxusa amalunga ebandla emadolobheni onke ukuthi abambelele eNkosini ngomzamo okhamelelayo wokubhapathizwa ngoMoya Ongcwele."-*Counsels on Health,* p. 548.

**Incwadi Enikeziwe:** *Steps to Christ,* pp. 17-22.

## *NgeSonto* — *Nhlaba 26*

### 1. INDLELA EYODWA KUPHELA YENSINDISO

**a. Kuyini uPeter akusho encwadini futhi eshumayela maqondana nendlela kuphela esingasindiswa ngayo-na? 1 Peter 3:18; Izenzo 4:10-12.**

________________________________________________________________________

**b. Kungani uNkulunkulu ngomusa Wakhe angeke athethelele futhi asindise izoni ngaphandle komhlatshelo weNdodana Yakhe-na? Isaya 26:10 nabase-Roma 8:7 qhathanisa nabase-Roma 5:10 nabase-Kolose 1:20-22.**

"Esimeni sakhe sokungabi nasono, umuntu wayenenhlanganyelo ejabulisayo [noNkulunkulu]….Kodwa emva kwesono sakhe, akazange esathola injabulo ebungcweleni, wazama ukuzifihla ebukhoneni bukaNkulunkulu….Isoni asizange sisajabulela ubukhona bukaNkulunkulu; sancipha ebudlelwaneni nezidalwa ezingcwele. Uma ngabe savunyelwa ukungena ezulwini, besingasoze sajabula. Umoya wothando lokungazifuneli obusa kuleyondawo….ubungeke uthinte intambo engasabeli emphefumulweni wakhe. Imicabango yakhe, intakazelelo yakhe, izisusa zakhe, bezizoba ngezingavamile kulabo abayizakhamuzi ezingenasono lapho. Bekuzoba inothi elihlukanisayo kwikwaya lasezulwini. Izulu belizoba yindawo yaso yokushushiswa….Akusona isimemezelo sokufohla ohlangothini lukaNkulunkulu esibekela ngaphandle ababi ezulwini; bazivalela ngaphandle ngokwabo ngokungalungeli ukuhlangana nabo. Inkazimulo kaNkulunkulu izakuba kubo njengomlilo oqothulayo."-*Steps to Christ,* p. 17, 18.

## 2. ISIQINISEKISO ESIZA NGOKUVUKA KWAKHE

**a. Noma sisindiswa ngokufa kukaKrestu, kungamuphi umqondo "esisindiswa ngawo futhi ngokuvuka kukaJesu-na"? 1 Peter 3:21 (isigaba sokugcina); 1 Korinte 6:14; 15:22, 23; 1 Thesalonike 4:13-16.**

**b. UPeter uchaza kanjani maqondana nokuthi ngubani ngempela owagcwalisa umyalo kaNkulunkulu futhi wavusa uJesu-na? Qhathanisa Izenzo 2:22-24 kanye 1 Peter 3:18.**

"Lowo owafa ngenxa yezono zezwe kwakufanele ahlale ethuneni isikhathi esimisiwe. Wayekuleyo-ndlu yejele elinamatshe njengesiboshwa sokulunga okungcwele….wayethwele izono zezwe, futhi uBaba Wakhe kuphela ongamkhulula."-*The Youth Istructor,* Nhlaba 2, 1901.

"Ngokuvusa uKristu ethuneni, uBaba wakhazimulisa iNdodana Yakhe phambi komlindi waseRoma,…phambi kwebutho likaSathane, naphambi komkhathi wasezulwini."-*Lift Him Up,* p. 102.

"Ingelosi enamandla, ngephimbo elenza umhlaba uzamazama kwezwakala izwi lithi: Jesu Ndodana kaNkulunkulu, uBaba wakho uyakubiza! Lowo owazuza amandla okunqoba ukufa kanye nethuna wavuka."-*The Present Truth,* Nhlolanja 18, 1886.

"UNkulunkulu wembethe amandla; Uyakwazi ukuthatha abafile ngeziphambeko nezono, nokusebenza koMoya owavusa uJesu kwabafileyo, aguqule isimo somuntu, abuyisele emphefumulweni umfanekiso kaNkulunkulu owalahlekayo."-*The Youth Istructor,* Nhlolanja 7, 1895.

**c. Ngubani ozovusa bonke abangcwele ekuphileni okungunaphakade ekubuyeni kukaKristu, futhi lokhu kuzokwenzeka ngaphansi kwasiphi isimo kuphela-na? Roma 8:9-11.**

"Imizimba efayo iphiliswa ngoMoya Wakhe ongcwele ohlala kini….

"Amandla okuphila oMoya kaKristu ahlala enyameni abophe wonke umphefumulo okholwa kuJesu Kristu.

"UMniki-kuphila uzobiza labo abathengile ngovuko lokuqala….Amandla oMsindisi ahlala kubo lapho besaphila nokuthi bangabahlanganyeli bemvelo engcwele, bathengiwe ekufeni."-*Selected Messages,* bk. 2, p. 271.

"UKristu ukubheka ukufa njengokulala-ukuthula, ubumnyama, ubuthongo. Ukhuluma ngakho njengento yomzuzwana…futhi kokholwayo, ukufa kuyinto encane. Kuye ukufa kungubuthongo nje.

"Amandla afanayo avusa uKristu kwabafileyo azovusa ibandla Lakhe."-*My Life Today,* p. 295.

## 3. "AMANDLA AQHUBA IVANGELI

**a. UJesu wasebenzisa bani ukushumayela iVangeli, nokuncenga isizwe esiwileyo ezikhathini zeTestamende Elidala-na? 1 Peter 3:18 (isigaba sokugcina), 19, 20. Ukuqonda ukuthi yayingobani "imimoya etilongweni," qhathanisa lomusha no-Zaga 5:22; Isaya 42:6, 7; 61:1.**

______________________________________________________________________

"UNkulunkulu ulokhu encenga inhliizyo yomuntu, eyimema ukuba iqaphele uthando nomusa Wakhe….Kanjalo unxusa uluntu lwezikhathi zonke. Osukwini lukaNowa uKristu wakhuluma nabantu esebenzisa isithunywa esingumuntu eshumayela enxusa labo abagqilazwe yisono."-*This Day with God,* p. 278.

"Ngaphambi kokuba loMoya ubekhona emhlabeni; kusukela ekuqaleni komsebenzi wokuhlenga uBulokhu unyakaza ezinhliziyweni zabantu."-*The Desire of Ages,* p. 669.

**b. Emva kokwenyuka Kwakhe, ngubani uKrestu amthuma ukuqinisa abapostoli ukuze baqhubeke ngomsebenzi wevangeli-na? Johane 14:12, 16, 17; 20:21, 22; Izenzo 1:2.**

______________________________________________________________________

"Ngesikhathi uKristu elapha emhlabeni, abafundi babengadingi omunye umsizi. Kwafinyelela lapho bencishwa ubukhona Bakhe bazizwa bedinga uMoya, futhi wawuzofika.

"UMoya Ongcwele ungummeli kaKristu, kodwa waphucwa isimo somuntu, futhi wazimela ngaphandle kwabo. Esindwa uluntu, uKristu ubengenakho ukuba sezindaweni zonke ubuqu. Ngakho-ke bekuyintakazelelo yabo ukuba enyukele kuBaba, futhi athumele uMoya njengolandela yena emhlabeni. Kwakungekho ongazuza ngenxa yendawo yakhe noma ukuxhumana kwakhe ngqo noKristu. NgoMoya uMsindisi wayezotholwa yibo bonke. Ngalomqondo uzoba seduze kwalabo ukwedlula uma ebenganyukelanga ezulwini."-Ibid.

**c. Isiphi isthembiso sikaNkulunkulu esizophinda sigcwaliseke esikhathini sokugcina, ngendlela enkulu kunesikhathi sabapostoli-na? Joweli 2:28-31; Hoseya 6:3.**

______________________________________________________________________

"Umsebenzi omkhulu wevangeli akufanele uvalwe ngokubonakaliswa okuncane kwamandla kaNkulunkulu kunalawo aphawuleka ekuqaleni kwawo."-*The Great Controversy*, p. 611.

## 4. UMBHAPATHIZO ODINGWA YIBO BONKE

**a. Chaza umbhapathizo ophelele nobalulekile ukuze umuntu asindiswe. Marako 1:7, 8; Johane 3:3, 5.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"Umfutho webandla uyabanda kakhulu….Imfudumalo yothando lwabo lokuqala luyaqanda, ngaphandle kokuthi lungamathiswa ngokubhapathizwa uMoya Ongcwele, isibane sabo sizosuswa endaweni yaso, ngaphandle kokuba baphenduke benze umsebenzi wabo wokuqala"-*Testimonies to Ministers,* pp. 167, 168.

**b. Kungani amaKrestu amaningi enobunzima bokugcina izifungo azenzile uma ebhapathizwa ngamanzi-na? Heberu 5:11, 12: 6:1, 2.**

"Baningi abanganikezi ubufakazi obunqunyiwe bokuthi baqinisekile ezifungweni zabo zombhapathizo. Inkuthalo yabo ipholiswa ngumkhuba, ukuthanda ilizwe, nokuzithanda."-*Testimonies for the Church,* vol. 9, p. 155.

"Izisebenzi zidinga kakhulu kangakanani ukubhapathizwa ngoMoya Ongcwele, ukuba zibe ngabavangeli beqiniso bakaNkulunkulu."-*Counsels on Sabbath School Work*, p. 155.

"Kungumsebenzi wethu namuhla ukunikela imiphefumulo yethu kuKristu, ukuze silungele izikhathi zokuhlunyelelwa okuvela ebukhoneni beNkosi-silungele ukubhapathizwa ngoMoya Ongcwele."-*Evangelism,* p. 702.

**c. Ngubani kuphela ongahlanza unembeza wethu kwizifungo zombhapathizo ziqiniseke zibe "impendulo yonembeza omuhle kuNkulunkulu-na"? Qhathanisa u-1 Peter 3:21 nabase-Heberu 9:14; Roma 8:9, 10.**

"Esikudingayo ukuba sisheshise unembeza ngoMoya kaNkulunkulu; ngoba abaningi, unembeza uthe walaliswa ukuzitika ngesono nokungakholwa. Kufanele sazi ukuthi iyini inkolo, futhi siqonde ukuthi kufanele sibe nokuxhumana okuphilayo noNkulunkulu osezulwini."-*The Signs of the Times,* Ntulikazi 25, 1892.

"Ngubani ngaphandle koMoya Ongcwele onethuba phambi kwengqondo ukulinganisa ukulunga okubonisa isono, nokuveza ukudabuka kokwesaba uNkulunkulu okusebenza inguquko engadingi ukuphenduka, okukhuthaza ukusebenzisa inkolo Kuye okunguye kuphela ongasisindisa ezonweni zonke."-*Selected Messages,* bk. 3, pp. 137, 138.

## *Ngolwesine* ***Nhlaba 30***

## 5. UKUQONDISA IMICABANGO YETHU

**a. Kukuphi lapho uPeter ephinda ekhomba khona ukusiholela ensindisweni-na? 1 Peter 3:21 (isigaba sokugcina) 22; Heberu 8:1.**

"[INkosi uJesu] uhlezi esihlalweni sokunene sikaNkulunkulu futhi uthola inhlonipho ephakeme njengoNkulunkulu, inkazimulo abeNayo umhlaba ungakabikho. Wabela izipho Zakhe kubo bonke abazozifuna ngokukholwa…. "Sinenqolobane engenakupheliswa, ulwandle lothando kuNkulunkulu wensindiso yethu."-*That I May Know Him,* p. 338.

"Wavuka ethuneni embozwe yifu lezingelosi ngamandla amangalisayo nenkazimulo-ubuNkulunkulu nobuntu buhlangene. Wabamba ngesandla Sakhe umhlaba uSathane awubiza njengendawo yakhe esemthethweni yokuhlala, futhi ngomsebenzi Wakhe omangalisayo wokunikela ngokuphila Kwakhe, wabuyisela isizwe sonke soluntu emuseni kaNkulunkulu.

"Makungabikho muntu othatha indawo elinganiselwe, engumngcingo yokuthi noma yimiphi imisebenzi yomuntu ingamsiza ngendlela encane kakhulu ukuqeda ukujula kwesiphambeko sakhe. Lokhu kuyinkohliso ebulalayo. Uma ungakuqonda, kufanele uyeke ukukhathalela imibono yakho emincane, futhi ngezinhliziyo ezithobekile nihlole ukubuyisana. Lendaba icatshangwa ngokufiphele ukuthi izinkulungwane phezu kwezinkulungwane ezizibiza ngokuthi ngamadodana kaNkulunkulu kanti bangabantwana balowo omubi, ngoba bencike emisebenzini yabo. Ngokuvamile uNkulunkulu ubiza imisebenzi emihle, nomthetho ubiza imisebenzi emihle, kodwa ngenxa yokuthi umuntu uzibeke esonweni lapho imisebenzi yakhe emihle ingenalusizo, ukulunga kukaKristu kuphela okusizayo. UKristu unakho ukusindisa ngokuphelele ngoba ephilela njalo ukusincengela. Konke umuntu angakwenza maqondana nensindiso yakhe ukwamukela isimemo….Asikho isono esingenziwa ngumuntu leso ukuzidela kungenziwanga eKhalvari. Kanjalo isiphambano, ngokunxusa okuqotho, sinikeza njalo isoni ukuphelela okugcwele."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 343.

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlaba 31***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ngingathola kanjani injabulo enkulu ngokukhuluma nangokucabanga ngoJesu nangeZwi Lakhe-na?**
2. **Yibuphi ubufakazi obukhona bokusebenza kukaMoya Ongcwele kimi-na?**
3. **Kuyini okungathuthukisa izinga loMoya Ongcwele ukungisebenzisa ebandleni-na?**
4. **Ngingathola kanjani amava okubhapathisa kukaMoya Ongcwele ngokugcwele-na?**
5. **Kuyini okuvame ukusenza silahlekelwe umbono kaJesu futhi ngaleyondlela silahlekelwe ukholo-na?**

**Isifundo 10** **ISabatha, Nhlangulana 8, 2024**

# Ukuphila Ukuphila Okusha

**IVESI LEKHANDA: "Ukuze ngesikhathi esiseleyo nisesenyameni ningabe nisahlala ngezinkanuko zabantu kodwa ngentando kaNkulunkulu" (1 Peter 4:2).**

"Laba abangcweliswe ngempela bazohlonipha futhi balalele Izwi likaNkulunkulu ngokushesha njengoba livulelwa bona, futhi bazocindezela isifiso esinamandla sokwazi ukuthi liyini iqiniso ngamaphuzu onke emfundiso."-*Faith and Works,* p. 121.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *That I May Know Him*, p. 104.
*Prophets and Kings*, pp. 701, 702.

## *NgeSonto* *Nhlangulana 2*

### 1. UMCABANGO OKHUTHAZA NJALO NJALO

**a. Kuyini umpostoli uPeter aseluleka ukuba siyicabange ukuze siqiniswe futhi sikhuthazwe lapho sihlaselwa izilingo nezinhlupheko-na? 1 Peter 4:1; Heberu 12:3.**

________________________________________________________________________
________________________________________________________________________
________________________________________________________________________

"Singaqinisa ukholo lwethu futhi sisheshise uthando lwethu ngokuya njalo ezinyaweni zesiphambano, futhi sesilapho sicabange ngokuthotshiswa koMsindisi wethu."-*Our High Calling,* p. 361.

"[1 Peter 4:1 ngokuphindwa] Masibuze: Kuyini uMsindisi wethu ebezokwenza uma esesimeni sethu-na?....Lombuzo uphendulwa isibonelo sikaKrestu. Washiya ubukhosi Bakhe, wabekela eceleni inkazimulo Yakhe, wadela ingcebo Yakhe, futhi wemboza ubungcwele Bakhe ngobuntu, ukuze afinyelele abantu lapho bekhona. Isibonelo Sakhe sibonisa ukuthi wabeka phansi ukuphila Kwakhe ngenxa yezoni."-*Testimonies for the Church* vol. 4, p. 79.

"UKristu walingwa ngezindlela zonke njengoba nathi silingwa. Makuthi labo abangaphansi kokuhlolwa nesilingo, futhi abezwa sengathi abangane babo babadelile, mabacabange ngoKristu….eyedwa ehlane, wahlangabezana nezilingo ezinzima kakhulu kunalezo ezilethwa maqondana nathi. Mabangapheli amandla badangale, kodwa mabelule isandla esithuthumelayo ngokukholwa ukubamba isandla eselulelwe ukusindisa. Mabaphonse imiphefumulo yabo engenakuzisiza phezu kukaJesu, Lowo, ngoba udlulile kuleyondawo uyazi ukuthi uzobakhulula kanjani abalingwayo."-*Manuscript Releases,* vol. 21, p. 12.

## 2. UKUNQOBA OKUVELA NGENHLUPHEKO

**a. Kungani uNkulunkulu esivumela ngabomu ukuba sidlule ebunzimeni nasekuhluphekeni-na? 1 Peter 4:1 (isigaba sokugcina); 2 Korinte 12:7-10.**

"Lapho uMsindisi ezembula ngoKwakhe kuPawule ngemisebe ekhanyayo yenkazimulo Yakhe….Wenziwa impumputhe emzimbeni yinkazimulo yobukhona Balowo athe wamhlambalaza, kodwa ukuze athole ukubona kwesimoya, ukuze avuswe ebuthongweni obuthe bamphandla futhi kwanciphisa ukuqonda kwakhe."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 6, p. 1058.

"Ukwesaba okukhulu okukodwa okuthe kwangicindezela mina ukuthi uma ngisabela ubizo lomsebenzi, ngihambe ngimemezela ukuthi ngingulowo othandwa kakhulu nguSomandla ngemibono nezambulo eziya kubantu, ngingahle ngizinikele esonweni sokuzikhukhumeza, futhi…ngilethe phezu kwami ukungathokozi kukaNkulunkulu, futhi ngilahlekelwe ngumphefumulo wami….

"Manje ngiyancengwa ukuthi uma ngihamba ngilandisa lokho iNkosi engibonise kona, kufanele ngigcinwe ekuzikhukhumezeni okungafanele. Kusho ingelosi: 'Imikhuleko yenu uyayizwa, futhi uzoyiphendula. Uma lobububi obesabisayo bukusongela, isandla sikaNkulunkulu sizolulwa ukukusindisa; ngokuhlupheka uzokudonsela Kuye, futhi agcine ukuzithoba kwakhe. Hambisa isigijimi ngokwethembeka; ubekezele kuze kube sekupheleni, uzokudla isithelo somuthi wokuphila futhi uphuze amanzi okuphila."-*Christians Experience and Teachings of Ellen G. White,* pp. 67, 68.

**b. Noma silingwa ngezinkanuko zenyama, kufanele ubeyini umgomo wawo wonke uMkrestu-na? 1 Peter 4:2, 15; Efesu 4:17, 22-24.**

"UNkulunkulu udinga okukhulu kubalandeli Bakhe kunalokho abaningi abakwenzayo. Uma singeke sakhela amathemba ethu ngezulu phezu kwesisekelo samanga kufanele samukele iBhayibheli njengoba silifunda futhi sikholwe ukuthi iNkosi iqinisile ngalokhu ekushoyo. Ayidingi lutho olwethu ukuthi ingasiniki umusa wokuba usebenze. Angeke saba nezaba esizoziletha ngosuku lukaNkulunkulu uma sehluleka ukufinyelela esilinganisweni esibekwe phambi kwethu ezwini Lakhe."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 171.

"Ukuphenduka ngumsebenzi lowo abaningi abangawuqondi. Akuyona indaba encane ukuguqula ingqondo yasemhlabeni ethanda isono, ukuyenza iqonde uthando lukaKristu olungakhulumekiyo….Lapho [umphefumulo] uzwisisa lezinto, ukuphila kwakhe kwangaphambili kubonakala kwenyanyeka futhi kuzondeka. Uyasizonda isono….Ulahla injabulo yakhe yakuqala. Unomqondo omusha, uthando olusha, intakazelelo entsha, nentando entsha."-*The Faith I Live By,* p. 139.

## 3. IMIKHUBA ETHILE OKUFANELE UYINQOBE

**a. Yiziphi izinkanuko zesono uPeter akhuluma ngazo njengezivamile futhi okunzima ukuba siziqobe-na? 1 Peter 4:3.**

"**Ukuxega, izinkanuko**: Inkululeko ekhona namuhla yokonakala akufanele ibe yisimo esiyinkomba kubalandeli bakaKristu. Imibukiso yemfashini evamile akufanele ibekhona phakathi kwamaKristu….Uma ukuxega, ukungcola, ukuphinga….ziwuhlelo nsuku zonke phakathi kwalabo abangalazi iqiniso,….nokuthi kubaluleke kangakanani ukuthi ixuku elizibiza ukuthi lilandela uKristu,….kufanele lihluke kakhulu kwixuku elilawulwa ulaka olunonya."-*The Adventist Home,* p. 329.

"**Iwayini elidlulele**: Indlela eyodwa kuphela noma ubani angalondeka kuyo maqondana namandla okungazithibi ukudeda ngokuphelele ekuphuzeni iwayini. Uphuzo oludakayo, nophuzo olunamandla, nguye onqobayo ozohlonishwa, futhi igama lakhe aliyikusulwa encwadini yokuphila."-*Child Guidance,* pp. 402.

"**Ukuxokozela, namadili:** Amakrestu azishoyo ngesimilo sangaphandle namava ezenkolo asetshenziswa ngumlingi njengabayengi bakhe. Lelixuku lilungele njalo ukwenza imihlangano yokuzijabulisa noma umdlalo, nomfutho wabo uthathekisa nabanye. Abesilisa abasha nabesifazane abazama ukuba ngamaKristu eBhayibheli ayagqugqUzelwa ukuhlanganyela kulemicimbi….Abahlukanisi ukuthi lokuzijabulisa ngamadili ngumsebenzi kaSathane, ulungele ukugcina kude imiphefumulo….ekutholeni ingubo emhlophe yesimilo, engukulunga kukaKristu. Bayadideka ukuthi yikuphi okuhle njengamaKristu okumele bakwenze."-*The Adventist Home,* p. 518.

"Abaningi abathe bazithathela imvuselelo yokudla bayekela konke okulimazayo; kodwa ingabe bayakulandela….bangadla ngokuthanda kwabo-na? Bahlale phansi etafuleni….bazinikele ekudleni futhi badle ngokweqile okukhulu.
"Futhi umfutho onjani ukudla ngokudlulele onakho esiswini-na? Siyadangaliswa, izitho zokugaya ukudla ziba buthakathaka, futhi izifo, nalolonke uchunge-chunge lobubi bazo, zivezwa njengomphumela….

"Bezwa ubuhlungu, futhi kubonakala kubo ukuthi abantwana babo babi kakhulu. Abakwazi ukukhuluma ngesizotha, cha, ngaphandle komusa okhethekile, osebenza ngesizotha emikhayeni yabo. Konke okubazungezile kubonakala ngezifo eziphezu kwabo; bonke bazohlupheka ngemiphumela yobuthakathaka babo….
"Ngisho nabashisekeli bezempilo bangaphambuka esilinganisweni sokudla."-*Counsels on Diet and Foods,* pp. 135, 136.

"**Ukukhonza izithombe okunengekayo:** Kwakungafanele baphendukele kwimikhuba yabahedeni, noma ukugcina izikhumbuzo zezithixo zabo ezenyanyekayo. Kodwa noma indwangu ingaba yigugu, noma yenziwe ngokukhethekile, konke okuphathelene nenkonzo yobuhedeni kumele kuchithwe."-*The Signs of the Times,* Masingana 13, 1881.

## 4. UKUBA NJENGOKRISTU YONKE INDAWO FUTHI NJALO

**a. Yimuphi umphumela ovamile kakhulu esizobhekana nawo kulokuphila uma sikhetha ukuphila ngokuya ngokwentando kaNkulunkulu-na? 1 Peter 4:4, 12.**

______________________________________________________________________________

"Njengoba isikhathi sokuphela sisondela, uSathane….uzosebenzisa izithunywa ezingabantu ukuklolodela nokuthuka labo 'abakha izindonga.' "-*Prophets and Kings,* p. 659.

"Ngezinyembezi [abantu bakaNkulunkulu] bazoxwayisa ababi ngengozi yokunyathelela phansi umthetho ongcwele, futhi ngosizi olungakhulumeki bazozithoba phambi kweNkosi ngokuzisola. Ababi bazoklolodela usizi lwabo futhi bahlekise ngesicelo sabo esinesizotha. Kodwa usizi nokuthotshiswa kwabantu bakaNkulunkulu ngubufakazi obuqinisekile bokuthi bathola amandla nobuhle besimilo esalahleka ngenxa yesono."-Ibid., p. 590.

**b. UMkrestu ngamunye kuyini okufanele akukhumbule lapho ehlekwa usulu noma edelelwa-na? 1 Peter 4:5, 13-16; 2 Peter 2:12.**

______________________________________________________________________________

**c. Ukuziphatha kwethu kumele kubenjani lapho abahleka usulu bephumelela-futhi, ngolunye uhlangothi, uma kukhona okubi okwenzeka kubo-na? Kuthiwani ngalabo abenza okubi kithi-na? 1 Peter 4:17-19; Mathewu 5:44.**

______________________________________________________________________________

**d. Kuyini okufanele sikukhumbule maqondana nalabo abahleka usulu nabasidelelayo-futhi singafinyelela kanjani kulesimo sengqondo-na? 1 Peter 4:6; Efesu 2:3-5; 2 Thimothi 2:24-26.**

"Uma uhlangana nalabo….ababandlulula bemelene neqiniso, bengacindezeli ukukhetheka kwemibono yakho enamandla amakhulu. Khuluma nabo ekuqaleni ubeke isihloko enizovumelana ngaso. Thandaza nabo….ninonke ukuba balethwe ekuxhumaneni neZulu, ubandlululo luzovuswa, futhi kuzobalula ukufinyelela enhliziyweni."-*Evangelism,* p. 446.

## *Ngolwesine* — ***Nhlangulana 6***

## 5. UKUKHUMBULA NGAZO ZONKE IZIMO

**a. Kuyini okumele sikukhumbule njalo kungakhathaliseki ukuthi siyaphumelela, siphilile futhi sijabulile, noma siyagula, sidabukile, noma sihlupheka ngenxa yokulahlekelwa-na? 1 Peter 4:7.**

"Uma sithatha iseluleko ngokungabaza nokwesaba, noma sizame ukuxazulula zonke izinto esingaziboni ngokukhanyayo, ngaphambi kokuba sibe nokukholwa, ukudideka kuzokhula futhi kujule. Kodwa uma sisondela kuNkulunkulu, sizizwa singenakuzisiza futhi sincikile, njengoba sinjalo ngempela, ngokuzithoba, nangokholo oluthobekile simazise lokhu esikufunayo Kuye onolwazi olungapheliyo, obona konke okudaliwe, obusa konke ngentando nangelizwi Lakhe, uyakwazi futhi uzokuzwa ukukhala kwethu, futhi avumele ukukhanya kukhanye ezinhliziyweni zethu. Ngomkhuleko ophikelelayo silethwa ekuxhumaneni nengqondo Yongapheliyo. Singaba nobufakazi obumangazayo ngesikhathi lapho ubuso bomhlengi bukhothama kithi ngothando olunozwelo, kodwa lokhu kunjalo. Angeke sikuzwe ukuthinta Kwakhe okubonakalayo, kodwa isandla Sakhe siphezu kwethu ngothando nangesisa esihawukelayo….

"Ukuphikelela emkhulekweni kwenziwe kwaba ngumbandela wokwamukela. Kufanele sikhuleke njalo uma sizokhula ekukholweni nasemaveni….UPeter unxusa amakholwa ukuba 'azikhuze, ukuze akhuleke.' 1 Peter 4:7….Umkhuleko ongaphezi ungukuhlangana okuqinile komphefumulo noNkulunkulu, ukuze ukuphila okuvela kuNkulunkulu kugelezele ekuphileni kwethu; futhi kusuke ekuphileni kwethu, ukuhlanzeka nobungcwele bugelezele bubuyele kuNkulunkulu"-*Steps to Christ,* pp. 96-98.

"Amazwi abapostoli abhalelwe ukufundisa amakholwa ezikhathi zonke, futhi anokubaluleka okukhethekile kulabo abaphila esikhathi 'lapho ukuphela kwezinto zonke sekuseduze.' Iziyalo nezixwayiso Zakhe, namazwi akhe okholo nesibindi, adingwa ngumphefumulo ngamunye."-*The Acts of the Apostles,* p. 518.

## *Ngolwesihlanu* — ***Nhlangulana 7***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kufanele "ngiyekuphi" ngokholo uma ngihlupheka noma ngisosizini-futhi kungani-na?**
2. **Ngeyiphi inhloso uNkulunkulu asiholela ebuhlungwini nasekuhluphekeni-na?**
3. **Ngiseyisigqila senkanuko yami yakuqala yelizwe-na? Uma kunjalo, ngihlela ukuhlehlisa isikhathi esingakanani ukuzinikela ngokuphelela-na?**
4. **Sizoba yini isimo-sami salabo abangiklolodelayo-na?**
5. **Kuyini okungase kungivimbele ukuthola ukuphila ngomkhuleko ojulile njengoba kufanele-na?**

# Uthando Oluvuthayo

**"IVESI LEKHANDA: "Kunakho konke yibani nokuthandana okunganqamukiyo, ngokuba uthando lusibekela inqwaba yezono" (1 Peter 4:8).**

"Izithunywa zothando zinamandla amangalisayo, ngoba zingcwele."-*Education,* p. 114.

**Incwadi Enikeziwe:** *Education,* pp. 113-118.

## *NgeSonto* ***Nhlangulana 9***

### 1. UKUJULA KOTHANDO-INKOMBA ENKULU

**a. Isono sihlanekezele kanjani ukujula kothando lwethu-na? Genesis 3:12.**

___________________________________________________________________________

"Uthando, ukubonga, ukuthembeka kuMdali-konke kwakhahlameza uthando [lukaAdamu] kuEva. Ubeyinxenye yakhe, futhi akakwazanga ukubekezelela umcabango wokwehlukana [ngemva kokuba esedle isithelo esenqatshelwe]….wanquma ukuhlanganyela isiphelo sakhe; uma kufanele afe, uzofa naye….

"[Kamuva, ephambi kukaNkulunkulu], uAdamu wayengena-kuphika noma athethelele isono sakhe; kodwa esikhundleni sokubonisa ukuphenduka, wazama ukusola umkakhe, futhi kanjalo noNkulunkulu uQobo."-*Patriachs and Prophets,* pp. 56, 57.

**b. Iyiphi indlela elula yokuthola ukuthi nginguMkrestu weqiniso yini-na? 1 Johane 2:9; 4:20; Johane 13:35.**

"Izolo ngibe nephupho, bekunexuku elincane libuthene ndawonye ukuba nomhlangano wezenkolo. Kwabakhona oyedwa owangena wahlala ekhoneni elimnyama, lapho ezoheha nokubheka okancane. Bewungekho umoya wenkululeko. Umoya weNkosi wawuvamile. Abanye baphawula….Kwabonakala ukuthi lwalungekho uthando lukaJesu ezinhliziyweni zalabo abazisho ukuthi bakholwa yiqiniso futhi kwakukhona, umphumela oqinisekile, wokungabikho komoya kaJesu….bahlangene ndawonye kodwa akuqabuleki nakoyedwa.

"Lapho umhlangano ufinyelela esiphelweni, isihambi sasukuma futhi nangezwi eligcwele usizi nezinyembezi, sabatshela ukuthi banesidingo esikhulu emiphefumulweni yabo, futhi ngamava abo, othando lukaJesu."-*This Day with God,* p. 157.

## 2. UKUZWISISA ISIMISO SOTHANDO

**a. Kuphezu kwasiphi isimiso umqondo wothando owakhiwe phezu kwawo kulomhlaba-na? Luka 6:32-34.**

**b. Isiphi isimiso seqiniso, uthando olungcwele olwakhelwe phezu kwaso-na? Mathewu 5:44, 45; Johane 15:13; 1 Johane 4:7-11.**

"Uthando lukhulu kunomuzwa, nozwelo. Uthando luyisimiso esiphilayo, nesisebenzayo. Asiholwa umuzwa, kodwa ngentando. Kulona kukhona ukuqonda kwesinqumo esiqinile sengqondo ethotshisiwe nethanjisiwe, ebambelela kumandla angapheliyo, uthi, Ngizokukhonza kuze kube sekufeni."-*The Signs of the Times,* Nhlangulana 20, 1900.

"Uma wonke ofuna umbuso kaNkulunkulu nokulunga Kwakhe ehlala njalo elungele ukwenza imisebenzi kaKristu, ibizobalula kanjani indlela eya ezulwini! Izibusiso zikaNkulunkulu bezizogelezela emphefumulweni, ukudumisa iNkosi bekuzoba sezindebeni njalo-njalo. Ukukhonza uNkulunkulu ngokuya ngesimiso. Imizwa yakho mhlawumbe ingabi nenjabulo ngokwemvelo; amafu ngezinye izikhathi angafiphaza umkhathi wamava akho; kodwa ithemba lamaKristu alihlali phezu kwesisekelo sesihlabathi. Labo abasebenza ngesimiso, bazobona inkazimulo kaNkulunkulu ngaphezu kwesithunzi, bahlale phezu kwezwi eliqinisekile lezithembiso. Angeke basuswa ekuhlonipheni uNkulunkulu, noma indlela ingabonakala imnyama kanjani. Ubunzima nesilingo kuzobanika ithuba lokuveza ubuqotho bokholo nothando lwabo."-*The Review and Herald,* Mfumfu 20, 1910.

**c. Uma, sibhapathizwa, kanti sisenobunzima bokuthethelela, mazinikele, futhi sibonise uthando nokubekezela, kuyini okungasilahlekela-na? Roma 8:7-10; 1 Johane 4:8.**

"Ukungcweliswa kweqiniso kuhlanganisa amakholwa kuKristu nomunye komunye ngezibopho zozwelo olumnene. Lokuhlangana kubangela ukugeleza njalo enhliziyweni kwemisinga enothile yothando olufana nolukaKristu, olugeleza njalo ngothando lomunye komunye.

"Ubuhle obubalulekile kubo bonke babenabo yilobo obuphawula ukuphelela kwesimilo sikaKristu-uphawu lothando Lwakhe.

"Kuyinkohliso enkulu nebulalayo ukucabanga ukuthi umuntu angaba nokukholwa ukuya ekuphileni okuphakade, ngaphandle kokuba nothando olufana nolukaKristu kubazalwane bakhe."-*The SDA Bible Commentary* [E.G. White Comments] vol. 5, p. 1141.

## 3. ISIMISO ESIFANELE UKUFUNDWA

**a. Yisiphi isimiso esingcwele uPeter asiyala ukuba sisisebenzise ekuphileni kwethu kwansuku zonke-na? 1 Peter 4:8 (isigaba sokuqala); 1:22.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

**b. Uthando "lusibekela ngamuphi umqondo ubuningi bezono-na"? 1 Peter 4:8 (isigaba sokugcina) qhathanisa ne-Zaga 17:9; Jakobe 5:19, 20.**

______________________________________________________________________________

______________________________________________________________________________

"Uma ucabanga ukuthi umzalwane ukonile, hamba uye kuye ngomusa nothando, futhi ungafinyelela ekuqondeni futhi nibuyisane. Uma usebenzela owonile, kufanele ugcine njalo engqondweni iqiniso lokuthi ubhekene noKristu ubuntu bobungcwele Bakhe. Hamba uye kumzalwane wakho ocabanga ukuthi ukonile, ngothando ukhulume naye eyedwa; uma uphumelela ukulungisa lenkinga, uzobe umzuzile umzalwane wakho ngaphandle kokwembula ubuthakathaka bakhe, futhi ukubuyisana okwenziwe phakathi kwenu kuthe kwasibekela izono eziningi, ngokubheka abanye. Abanye akufanele bazi ngobunzima bakhe, futhi ukuba balethwe ekumqapheleni ngokungabaza konke kokucabangela lowo ukuthi wenze iphutha, futhi ubeke isakhiwo esiphambukile ngalokhu okuqondile."-*The Review and Herald,* Nhlolanja 24, 1891.

"Imibhalo ifundisa ngokusobala ukuthi abaphambukile kumele baphathwe ngokubekezela nangozwelo. Uma kulandelwa indlela eqondile, inhliziyo elukhuni ingabonakala izuzelwa kuKristu. Uthando lukaJesu lusibekela inqwaba yezono. Umusa Wakhe awuholeli ekwembuleni iziphambeko zomunye ngaphandle kokuthi kunesidingo esihle."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students*, p. 267.

"Kunakho konke,' umpostoli uyabhala, 'yibani nokuthandana okunganqamukiyo' (1 Peter 4:8). Ungalaleli imibiko emelene nomzalwane wakho noma udade. Qaphela ukuthi ukhuza kanjani umakhelwane wakho. Buza lowo oletha icala ukuthi ngabe ulalele izwi likaNkulunkulu maqondana nalendaba. UKristu usishiyele umyalo osobala wokuthi kumele kwenziweni. Ungazithetheleli ngalokhu, uthi, Akukho ukusola phakathi kwalowo obekwa icala nami. Imiyalo enikwe nguKristu iqondile, futhi isobala, ukuthi lokuzithethelela akukho emthethweni.

"Noma ukusola okukhona phakathi kwakho nalowo omunye obekwa icala, uhlelo luka Kristu luyafana. Umzalwane wakho udinga usizo. Mazise wena, kungabi ngomunye, ukuthi imibiko iyajikeleza ngaye. Muphe ithuba lokuba achasise."-*In Heavenly Places,* p. 292.

## 4. ISITHELO ESIBALULEKILE SOTHANDO

**a. Iyiphi imfanelo uPeter ayikhomba njengophawu oluhle lothando lukaNkulunkulu oluhlala enhliziyweni-na? 1 Peter 4:9.**

______________________________________________________________________________

**Kungani ukungenisa izihambi kuyimfanelo ebalulekile yobuKrestu-na? Heberu 13:2; Roma 12:13.**

"Ngisho naphakathi kwalabo abazishoyo ukuthi bangamaKristu, ukungenisa izihambi kusetshenziswa kancane. Phakathi kwabantu bakithi ithuba lokungenisa izihambi alibhekwa ngendlela efanele, njengelungelo nesibusiso. Kukhona ukuhlalisana okuncane kakhulu, ukuhlela okuncane kakhulu ukwenza indawo yabantu ababili noma abathathu abangeziwe embizeni yasekhaya, ngaphandle kwamahloni noma umbukiso. Abanye bayanxusa ukuthi 'ngumsebenzi onzima kakhulu.'…

"UNkulunkulu akathokozeli intakazelelo yobugovu kaningi eboniswa 'kimi nomndeni wami kuphela.' Wonke umndeni othokozela lomoya udinga ukuphendukela kwizimiso ezihlanzekile ezafanekiswa ekuphileni kukaKristu. Labo abazivalelayo, abangafuni ukuba badonselwe ekungeniseni izihambi, balahlekelwa izibusiso eziningi."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, pp. 343, 344.

"Ngijwayelene nabantu abenza umsebenzi ophakeme, izinhliziyo zabo zigcwele kakhulu ukuzithanda nobugovu….Ukuphila kwabo konke bacabanga futhi baphilela bona kuphela. Ukwenza ukuzidela benzela abanye okuhle, ukuzilimaza ukuze kuzuze abanye, akubuzwa kubo….umina uyisithixo sabo. Amaviki ayigugu, izinyanga, kanye neminyaka idlulela ephakadeni, kodwa abanawo umbiko ezulwini wezenzo zomusa, zokuzidela ngenxa yobuhle 'babanye, ukondla abalambile, ukumbesa abahambaze, noma ukungenisa isihambi."-Ibid., vol. 2, p. 26.

**b. "Ukungenisa izihambi" kwamanga kusetshenziswa kanjani emakhayeni amaningi amaKrestu-na? Jobe 1:4; 2 Amakhosi 20:13-15.**

"Kungukwenqaba uKristu uma senza amalungiselelo ezivakashi ezidinga isikhathi esingeseNkosi ngempela**….**

"Ukukhathazeka okungenasidingo nemithwalo okubangelwa izifiso zombukiso nokuthokozisa izihambi. Ukuze kulungiswe itafula elikhulu elihlukahlukene, umama wekhaya usebenze ngokweqile; ngenxa yezitsha eziningi zokudla okulungisiwe, izivakashi zidla ngokudlulisa; izifo nokuhlupheka, ngenxa yokusebenza ngokweqile ngakolunye uhlangothi nokudla ngokweqile kolunye, yiwona mphumela. Lokwelula kwedili kuba ngumthwalo kanye nokulimala."-Ibid., vol. 6, p. 343.

## *Ngolwesine* ***Nhlangulana 13***

### 5. INKONZO YANGEMPELA YOBUKRESTU

**a. Yisho uphawu olulodwa indlela isihe esibonakala ngayo ekuphileni koMkrestu weqiniso. 1 Peter 4:10.**

---

"UNkulunkulu unike wonke umuntu umsebenzi wakhe ngokwamandla akhe. Ngemfundo nokwenza ukuthi abantu kufanele balungele ukuhlangabezana nanoma yisiphi isimo esiphuthumayo; futhi ukuhlela okuhlakaniphile kuyadingeka ukuze kubekwe ngamunye endaweni yakhe efanele, ukuze abenamava azomenza athwale ukuziphendulela."- *Testimonies for the Church*, vol. 9, pp. 221, 222.

"Abasha kakhulukazi kufanele babe nomuzwa wokuthi kufanele baqeqeshe izingqondo zabo, futhi basebenzise wonke amathuba ukuze bahlakaniphe, ukuze banikele inkonzo eyamukelekayo kuLowo onikele ukuphila Kwakhe okuyigugu ngenxa yabo….wonke umuntu makathuthukise amathuba lawo ngokuhlinzekela kukaNkulunkulu onomusa, ukuzuza konke ngokungenzeka ngesambulo noma isayensi.

"Italenta ngalinye elinikezwe abantu kumele lisetshenziswe ukuze likhule ngokwenani, futhi nakho konke ukuthuthukiswa kwalo kufanele kubuyiselwe kuNkulunkulu. Uma ubuthakathaka ngokwesimilo, ngezwi, ngemfundo, akufanele uhlale ukulesosimo. Qhubeka uzame ukuba ufinyelele ezingeni eliphakeme ngokwemfundo nangamava ezenkolo….UNkulunkulu akavuli indlela lapho wonke umuntu azoba nokuzithethelela ngokwenza umsebenzi onamaphutha; futhi okuningi kakhulu kwaloluhlobo lomsebenzi kuthe kwanikelelwa Yena yilabo abasebenza umsebenza Wakhe, kodwa akwamukeleki Kuye."- *Fundamentals of Christian Education,* pp. 213-215.

**b. Kuyini okufanele kube yinhloso yazo zonke izinkonzo zethu? 1 Peter 4:11; Kolose 3:23.**

## *Ngolwesihlane* ***Nhlangulana 14***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Uyini umahluko phakathi kothando olungcwele "nothando" lwasemhlabeni-na?**
2. **Yisiphi isimiso esisekelwe phezu kwesihawu soMkrestu-na?**
3. **Ngingakhulisa kanjani imikhuba emihle yokungenisa izihambi-na?**
4. **Yiziphi izinhlobo zenkonzo yobuKrestu okungaba kuhle kimi ukuba ngizithuthukise?**
5. **Ngingaqinisekisa kanjani ukuthi umsebenzi wami ngokaNkulunkulu kunobudedengu nokucocoma-na?**

**Isifundo 12** **ISabatha, Nhlangulana 22, 2024**

# Isicelo Esiya Kubaholi Bebandla

**IVESI LEKHANDA: "Ngalokho zithobeni phansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze aniphakamise ngesikhathi esifaneleyo" (1 Peter 5:6).**

"Labo abaye bema njengebameli akuwona wonke amadoda angamaKrestu. Kukhona umoya ovamile wokufuna ukubusa phezu kwabanye."-*Testimonies to Ministers*, p. 260.

**Incwadi Enikeziwe:** *Testimonies to Ministers,* pp. 347-359.

## *NgeSonto* *Nhlangulana 16*

### 1. AMAVA ADINGWA NGABAHOLI BONKE

**a. Umpostoli uPeter waba nini umfundisi weqiniso, olungele ukunakekela imiphefumulo yabanye-na? Mathewu 26:75; Johane 21:21-17; 1 Peter 5:1.**

________________________________________________________________________

"UPeter wenqaba uMuntu woSizi….kodwa emva kwalokho waphenduka futhi waguqulwa. Wazisola ngeqiniso umphefumulo wazinikela kabusha kuMsindisi wakhe….Wakulungela ukuhawukela olingwayo. Wathotshiswa futhi wakwazi ukuzwelana nababuthakathaka nabaphambukayo. Wakwazi ukucuphisa nokuxwayisa abangabazayo, futhi wafaneleka ngokuphelele ukuqinisa abafowabo."-*Testimonies for the Church*, vol. 3, p. 416.

**b. Ngokunjalo, yimaphi amava wonke umfundisi nomholi webandla okufanele babenawo namuhla-na? Johane 3:1-3.**

"UNikodemu waguqulwa ngenxa wokukhulumisana kwakhe noJesu. Amazwi kaKristu akhulunywa ngempela kubomongameli bezinkomfa, abadala bamabandla, nakulabo abasezikhundleni ezisemthethweni ezikhungweni zethu, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa kabusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.' "-*Testimonies to Ministers*, p. 369.

"Amandla aguqulayo kaNkulunkulu kufanele eze ezinhliziyweni zabafundisi, noma bafune olunye ubizo.

"Ngaphandle kokuthi abafundisi babe ngabantu abaguqukile, amabandla azogula futhi ekugcineni afe."-*Evangelism,* p. 643.

## 2. UKUNCENGA NGEGUNYA

**a. Kuyini okumele kuqondwe yibandla ngaphambi kokubizela umuntu emsebenzini, nomuntu ngamunye ngaphambi kokwamukela ubizo-na? 1 Peter 5:2 (isigaba sokuqala).**

_______________________________________________________________________________

"UNkulunkulu kukaningi ebonisa ukuthi abantu akufanele bakhuthazwe ukuba bangene ensimini ngaphandle kobufakazi obukhanyayo bokuthi uNkulunkulu ubabizile. INkosi ayisoze yabeka umthwalo womhlambi Wayo kubantu abangawufanele. Labo uNkulunkulu ababizayo kufanele babe ngabantu abanamava ajulile, abathe balingwa futhi bavivinywa, abantu abahlakaniphileyo, abantu abangasoze bakhuze isono ngomoya othobekile, abantu abakwaziyo ukwalusa umhlambi."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 209.

"Wonke umuntu owamukela ukuziphendulela njengomeluleki, wonke osebenzela imiphefumulo yabantu….angeke ahlakanipha kuze kube yilapho aba nomphumela omncane ngokulinganisa kwakhe….Loshintsho kumele lwenzeke kuwo wonke umuntu ngaphambi kokuba amukela isikhundla sokuba ngumholi noma umbusi maqondana nomsebenzi ongcwele kaNkulunkulu."-*Testimonies to Ministers*, pp. 370, 371.

**b. Ngeyiphi ingozi uPeter axwayisa ngayo labo abasebenza ensimini yeNkosi-na? 1 Peter 5:2 (isigaba sesibili).**

"Isifiso sokuthola iholo elikhulu, ngokuphikelela ukuphuca abanye abanelungelo abaliphiwe nguNkulunkulu, sinomsuka walo osengqondweni kaSathane….ukweyama kancane kungabekwa phezu kwalabo abathe banikelwa kulogibe, ngaphandle kokuthi baguquke ngokuphelele futhi bahlunyelelwe kabusha."-Ibid., p. 393.

"Abantu abasezikhundleni ezithenjiwe kufanele babheke izindlela imali abayisebenzisa ngayo njengenzuzo kaNkulunkulu, futhi bayisebenzise ngendlela eyongayo….

"Amandla okusebenzisa nokukhipha imali yeNkosi akufanele abekelwe ukwahlulela kwanoma ngubani umuntu. Isizathu masinikezwe ngayo yonke imali esetshenzisiwe. Imali kaNkulunkulu kufanele isetshenziswe ngesikhathi esifanele nasendaweni efanele."-*Medical Ministry,* p. 165.

**c. Noma ngisebenzela iNkosi kungewona umsebenzi okhokhela kakhulu, zwelo luni okufanele luboniswe ibandla-na? 1 Thimothi 5:17, 18.**

"Isisebenzi ngasinye ezikhungwini zethu kumele zithole isinxephezelo esifanele. Uma izisebenzi zikhokhelwa amaholo alingene, ziba nokubonga zijabulele ukwenza iminikelo maqondana nalomsebenzi. Akulungile ukuthi abanye bathole inani elikhulu kanti abanye, abenza umsebenzi obalulekile nothembekile, bathola elincane kakhulu."-*The Publishing Ministry*, p. 239.

## 3. ISIMO SOKUZIPHATHA OKUTHOBEKILE SIYADINGEKA

**a. Ngeyiphi imbangela yangempela yezinkimba phakathi kwabazalwane abasezikhundleni zokuziphendulela okusindayo-na? 1 Peter 5:3; 3 Johane 9.**

"UMoya wobukhulu uyanda komongameli bezikhungo zethu. Uma umuntu ethembela emandleni akhe futhi afune ukusebenzisa ubukhulu bakhe phezu kwabazalwane bakhe, enomuzwa wokuthi unakho ukumisa igunya lokwenza intando yakhe ibe amandla abusayo, indlela elungile nephephile ukuthi asuswe, hleze ingozi enkulu ingenzeka alahlekelwe umphefumulo wakhe futhi afake engozini imiphefumulo yabanye."-*Testimonies to Ministers*, pp. 362.

**b. Kuncenga kuni okunikezwa bonke abaholi bebandla nabadala, okunguthi uma kulandelwa**, **kungavimbela ukuzidla nomoya wokuzizwa phakathi kwabazalwane abasezikhundleni eziphezulu-na? 1 Peter 5:2 (isigaba sokuqala); 1 Korinte 6:2-5.**

"Ngaboniswa ukuthi kuyiphutha ukucabanga ukuthi abantu abasezikhundleni zokuziphendulela okukhethekile eBattle Creek banokuhlakanipha okudlula kude abantu abavamile.
"Abaningi bazifundise ngokwabo ukubhala noma babuze ukululekwa nokuqondiswa uma belethwa ezindaweni ezinzima. Kodwa kuyiphutha kulabo ababekwe ezikhundleni zokuziphendulela ezikhungwini zethu ezahlukene ukweyama kubantu….Amava abuthakathaka, azoba umthwalo walabo abafundiswe ukwencika ngokuphelele phezu kwabanye….

"Ingabe amadoda aseBattle Creek kufanele abhekwe njengano-kuhlakanipha okungapheli-na."-Ibid., pp. 374, 375.

"Ungabheki abantu abasezikhundleni zokuziphendulela eziphakeme ukuthola amandla, ngoba yibona bantu abasengozini yokubheka isikhundla sokuziphendulela njengobufakazi bamandla akhethekile kaNkulunkulu. Amabandla ethu abuthakathaka ngoba amalunga afundiswe ukubheke nokweyama phezu kwengcebo yabantu, futhi ukusetshenziswa kwezinkulungwane zamarandi kwandiswa ngokungenasidingo ukuthwala ngezimoto abantu abafayo ukusuka kulendawo ukuya kwenye, ukuxazulula izinkinga ezincane."-Ibid., p. 380.

**c. Kuyini okuzosiza izisebenzi ezinamava amancane ukuthola ulwazi olwengeziwe ukuze ziphumelele, nikeza isibonelo lapho ukuntuleka kwalokhu kubangela ukwehluleka-na? 1 Peter 5:5 (isigaba sokuqala); 1 Amakhosi 12:6-8, 16; Luka 6:39.**

"Abasha bangaba nomfutho onamandla uma bengayeka ukuziqhenya nobugovu babo, futhi bazinikele kuNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 485.
"Abasha mabakhulise umoya wokufundiseka, ukuze bazuze emizameni yalabo abafuna ukubasiza."-*The Youth's Instructor*, Ncwaba 31, 1893.

## 4. ISIBONELO SIKAPETER SOKUTHOBEKA

**a. Sazi kanjani ukuthi ukuphenduka okukodwa kwangempela noma amava neNkosi awanele kumfundisi-noma yimuphi okholwayo-na? 2 Korinte 13:5; Heberu 3:13.**

___

"Lapho uPeter, kamuva, ehambela abase Antiyokiya, wazuza ithemba labaningi ngokuziphatha kwakhe okuhlakaniphile maqondana nabeZizwe. Okwesikhashana wasebenza ngokuya ngokukhanya okuvela ezulwini. Kanjalo wanqoba ubandlululo lwemvelo yakhe yokuhlala etafuleni nabeZizwe abakholwayo. Kodwa lapho amaJuda athize ashisekela umthetho wemikhosi, evela eJerusalema, uPeter ngobuwula waguqula ukuziphatha kwakhe maqondana namakholwa angabahedeni….Lokwembuleka kobuthakathaka ohlangothini lwalabo abahlonishwayo nabathandwayo njengabaholi, kwashiya umfutho obuhlungu ezingqondweni zabeZizwe abakholwayo. Ibandla lasongoza ukwehlukana phakathi."-*The Acts of the Apostles,* pp. 197, 198.

**b. Lpho iphutha noma ukuziphatha komfundisi, isisebenzi seBhayibheli, noma umholi webandla ebonisa ubuhlungu benhliziyo noma ukudideka ebandleni, kufanele bakhuzwe kanjani-na? Galathiya 2:14; 1 Thimothi 5:20.**

**c. Kufanele kubenjani ukuziphatha komholi ophendukile, uma ekhuzwa phambi kwabantu bonke-na? 1 Peter 5:5 (isigaba sesibili), 6; Jakobe 5:16.**

"UPawule, owabona umfutho ochithayo wobubi obenziwe ebandleni izinxenye ezimbili ezenziwa nguPeter, wamkhuza obala ngokufihla imizwa yakhe yeqiniso. Phambi kwebandla, uPawule wabuza uPeter….

"UPeter wabona iphutha lelo awele kulo, futhi ngokushesha waqala ukulungisa ububi athe akwenza, ngokwamandla akhe. UNkulunkulu owazi isiphelo kusukela ekuqaleni, wavumela uPeter ukwembula ubuthakathaka besimilo ukuze umpostoli ovivinyiwe angabona ukuthi akukho kuye angaziqhenya ngakho. Ngisho namadoda angcono kakhulu, uma ezibheka wona, azoduka ekwahluleleni….

"Umlando wokusuka ezimisweni ezilungile kumi njengesixwayiso esizothile kubantu abasezikhundleni zokwethembeke emsebenzini kaNkulunkulu….Uma ukuziphendulela okukhulu kubekwa phezu kwezithunywa zabantu, makhulu amathuba okuphoqelela nokulawula, futhi lapho eqinisekile ukuthi uzowenza umonakalo owengeziwe."-Ibid., pp. 198, 199.

## *Ngolwesine* ***Nhlangulana 20***

### 5. UKUKHUTHAZA IZISEBENZI EZIKHATHELE

**a. Kuyini njalo okubangela ukudikibala ekuphileni kwesisebenzi sevangeli-na? 1 Peter 5:5 (isigaba sokugcina).**

"Sinabafundisi abaningi abazwelayo ababuthakathaka ngokwamava, abantula umusa wobuKristu, abantula ukuzingcwelisa, futhi badumala kalula….Abantu abadingeka kulomsebenzi abayikububula bakhononde ngobunzima noma izilingo, bazi ukuthi lokhu kuyinxenye yefa uJesu abashiyele lona. Kufanele bazimisele ukuphuma ngaphandle kwekamu futhi bathwale isihlambi bathwale umthwalo njengamasotsha amahle kaKristu."-*Testimonies for the Church,* vol. 3, p. 423.

**b. Lapho uSathane ezama ukudangalisa noma yimuphi phakathi kwethu ngokukhomba izinkinga ebandleni, yisiphi isithembiso okufanele sibambelele kuso-na? 1 Peter 5:4, 7.**

"Makungabikho lutho olungasivimbela ukuba sinikele izicelo zethu egameni likaJesu, sithemba ngokholo oluqinile ukuthi uNkulunkulu uyasizwa, nokuthi uzophendula izicelo zethu. Masiyise ubunzima bethu kuNkulunkulu, sizithobe phambi Kwakhe. Sinomsebenzi omkhulu okufanele siwenze; futhi nakuba kuyilungelo lethu ukwelulekana ndawonye, kufanele siqiniseke kakhulu, kuzo zonke izindaba, ukuba selulekane noNkulunkulu, ngoba angeke asidukise. Akufanele senze inyama ibe yingalo yethu. Uma sikwenza lokho,…ukungakholwa kuzongena, futhi nokholo lwethu lufe."-*Testimonies for the Church,* p. 487.

"UMoya womalusi weqiniso yilowo wokuzikhohlwa uqobo. Ulahlekelwa umbono kamina ukuze asebenze imisebenzi kaNkulunkulu….Ukusebenzisana noMthwali weMithwalo omkhulu, wabelana nokuhlupheka kwabo, aduduze ukukhathazeka kwabo, akhulule ukulamba kwemiphefumulo yabo, azuzele izinhliziyo zabo kuNkulunkulu."-*The Acts of the Apostles,* p. 527.

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlangulana 21***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ngagcina nini ukukhala izinyembezi ngiguqe ngamadolo phansi kwesiphambano-na?**
2. **Ingabe ngandlelathize ngicabanga ukuthi uma ngingathola isikhundla esiphezulu ngingenzela iNkosi okuningi-na?**
3. **Kungani ukufisa isikhundla esiphezulu ebandleni kungafanele kungene engqondweni yami-na?**
4. **Siyini isimo-sami maqondana nalabo abaveza amaphutha ami-na?**
5. **Ngubani engimbona enecala ngezikhathi zokudumala kwami-na?**

# Qondani, Nilinde

**IVESI LEKHANDA: "Qondani, nilinde. Isitha senu, uSathane, siyahamba njengebhubesi elibhodlayo sifuna esingamgwinya" (1 Peter 5:8).**

"Kusukela ezinsukwini zikaAdamu kube sesikhathini sethu, isitha sethu esikhulu besilokhu sisebenzisa amandla aso ukuze sicindezele futhi sibhubhise. Manje silungisela umkhankaso waso wokugcina wokulwa nebandla."-*The Great Controversy,* p. 510.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Selected Messages,* bk. 1*,* pp. 126, 127.
*The Great Controversy,* pp. 39-48.

## *NgeSonto* *Nhlangulana 23*

### 1. UKUQONDA LOKHU AKHULUMA NGAKHO

**a. Yimuphi umyalo obalulekile uPeter asibhalela wona emaphethelweni encwadi yakhe yokuqala-na? 1 Peter 5:8.**

"USathane uhlala esemsebenzini, kodwa bambalwa abaqondo ukusebenza kwakhe ngobuqili. Abantu bakaNkulunkulu kufanele balungele ukumelana nesitha ngokuqinile….Izinyathelo zikaSathane azizwakali. Ukuhamba kwakhe kuyanyonyoba, nokubamba kwakhe kufihlakele. Akasoze azibonakalise obala, funa avuse amandla afihlekile kumaKrestu futhi abathumele kuNkulunkulu ngomkhuleko….

"Umuntu uyisithunjwa sikaSathane futhi ngokwemvelo uthambekela ukulandela iziphakamiso zakhe nokwenza intando yakhe. Akanawo amandla ngokwakhe okumelene nobubi obusebenzayo….KungoKristu kuphela lapho amandla kaSathane alinganiselwe."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 293, 294.

**b. Kuyini uPeter akufunda kamuva njengemfihlo eyayizomsiza ukuba anqobe esigodkweni sikaKayifasi ekuqulweni kwecala likaJesu-na? Mathewu 26:38, 40, 41.**

________________________________________________________________________

"Ukuzethemba kuholela ekudebeseleni ukulinda nokuzithoba, umkhuleko ozisolayo. Kukhona izilingo ezibonakala zingagwenywa kanye nezitha zangaphakathi nokudideka okufanele kunqotshwe, ngoba uSathane uguqula izilingo zakhe ngezimo ezahlukene kanye nokuzithiba komuntu ngamunye."-Ibid., vol. 3, p. 445.

## 2. YAZI UKUTHI ISITHA SAKHO NGUBANI

**a. Ngaphandle kokuza nezimpawu zebhubhesi yisho enye indlela isitha semiphefumulo yethu esivame ukusondela ngayo kulowo amzingelayo-na? 2 Korinte 11:14.**

"USathane kaningi ufuna ukonakalisa labo abangenalwazi maqondana namacebo akhe, nokho abazizwa benesidingo sokukhuleka nokululekwa yilabo abanamava abangani abesaba uNkulunkulu. Abasha abaningi abeza____nesiphakamiso esihle sokuphila ukuphila koMkrestu bawela kwixuku labantu abasha abababamba ngesandla futhi, ngaphansi kwesimo sobungani, babaholele ngokuqondile ezihibeni zikaSathane. Isitha ngokuvamile asizi njengebhubhesi elibhodlayo; kaningi sibonakala njengengelosi yokukhanya, ngokulinganisa umoya wobungani, ukuletha izilingo ezivamile ezinzima ukuthi abantu abangenamava bangabhekana nazo."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 207.

**b. Yiziphi izindlela zomphefumulo uSathane azuza ngazo impumelelo enkulu, ikakhulukazi kulesi sikhathi somakhala-ekhukhwini kanye ne-internet cishe yonke indawo-na? 1 Peter 2:11; 1 Johane 2:16.**

"Abasha abaningi…. Bafunda konke abahlangana nakho. Bathokozela izincwadi zothando nemifanekiso engcolile eyonakalisa umfutho wabo. Izincwadi ezibhaliwe zifundwa ngokuqabatheka ngabaningi, futhi, ngenxa yalokhu, umcabango wabo uyangcoliswa….imifanekiso yabesifazane ngesimo sokuhambaze kaningi iyazungeleza [kakhulu kwezokuxhumana]….Inkanuko yamehlo eyonakele iyavuswa ngokubheka nangokufunda. Inhliziyo yonakaliswa umcabango. Ingqondo ithokozela umcabango wezehlakalo ezivusa izinkanuko esizezingeni eliphansi. Lemifanekiso engamanyala, ibonakala emicabangeni engcolisiwe, eyonakalisa ukuziphatha futhi ilungise ukuduka, izidalwa ezihungekile zibusa ngokukhululeka inkanuko yenyama. Bese izono ezilandelayo nobugebengu zihudulela abantu abadalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu ukuba behlele kwizinga lezilwane, ubaholele ekubhujisweni kokugcina. Gwema ukufunda nokubheka izinto ezizobangela imicabango engcolile. Khulisa amandla okuziphatha nawenqondo….

"Ngincenga abazali ukuba balawule ukufunda [nokufinyelela kuI-nternet] kwabantwana babo."-Ibid., vol. 2, p. 410. [Amagama abiyelwe engeziwe.]

"Ngenxa yesifiso sokudla, uSathane ulawula ingqondo nobuntu bonke."-*Christian Temperance and Bible Hygiene,* p. 37.

"Omama abaningi abangama-Krestu, abathi, ngesibonelo sabo nangemfundiso abayinikeza abantwana babo, babalungiselela ukuba babe iziminzi nezidakwa. Abantwana ngokuvamile bazitika ngokudla abakukhethayo nalapho bezikhethela kona, ngaphandle kokubheka ezempilo."-*Counsels on Diet and Foods,* p. 235.

## 3. INDLELA EYODWA YOKUNQOBA

**a. Kuyini okufanele wonke uMkrestu abe nakho ukuze amelane noSathane-na? 1 Peter 5:9 (isigaba sokuqala); Jakobe 4:7.**

__________________________________________________________________________

"[UEva] akakholwanga amazwi kaNkulunkulu, futhi yilokho okwaholela ekuweni kwakhe. Ekwahlulelweni abantu abayikulahlwa ngoba bekholelwa amangeni ngabomu, kodwa ngenxa yokuthi bengakholwanga iqiniso, ngoba badebesele ithuba lokufunda okuyiqiniso."-*Patriachs and Prophets,* p. 55.

"Lapho benomcabango nje, ukholo olungajulile abangakwazi ukulichaza, isilingo esizumayo sizobenza bakhukhulwe ngomsinga obaqhubela emhlabeni."-*Our High Calling,* p. 332.

**b. Kuyini okwenza amaKrestu amaningi abe isisulu sikaSathane, ngisho nalapho ezisho ukuthi akholelwa eZwini likaNkulunkulu-na? Izaga 19:2; Hoseya 4:6 (isigaba sokuqala; qhathanisa nabaseRoma 10:17; 15:4.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Izilingo kaningi zibonakala zingenakuvinjelwa ngoba, ngokunganaki ukukhuleka nokufunda iBhayibheli, lowo olingwayo akakwazi ukukhumbula ngokushesha izithembiso zikaNkulunkulu futhi ahlangabezane noSathane ngezikhali zeMibhalo."-*The Great Controversy,* p. 600.

**c. Yiliphi iqiniso okufanele libe yisikhuthazo kumphefumulo ngamunye ovinjezelwe ukuhlasela kukaSathane-na? 1 Peter 5:9, 10; 1:6, 7; 2 Korinte 4:17.**

__________________________________________________________________________

"UPeter wabhalela amakholwa ngesikhathi sesilingo esingajwayelekile ebandleni. Abaningi base bengabahlanganyeli bezinhlupheko zikaKristu, futhi masinyane ibandla kwafanela ukuba lidlule esikhathini soshushiso olwesabekayo….Masinyane izimpisi ezimbi kakhulu zangena ngaphakathi, zingawuhawukeli umhlambi. Kodwa akukho nokukodwa kwalezinto okwaletha ukudangala kulabo amathemba abo aqondiswe kuKristu. Ngamazwi akhuthazayo nangokwenama okuhle uPeter waqondisa izingqondo zamakholwa ezilingweni zanamuhla….'kwifa elingaboliyo….' 'Kepha uNkulunkulu womusa wonke,' ekhuleka ngobuqotho, 'owanibizela enkazimulweni yakhe yaphakade ngoKristu senihluphekile isikhashana, yena uqobo uyakuniphelelisa, aniqinise, aninike amandla, anisekele."-*The Acts of the Apostles,* p. 528.

## 4. IBANDLA LASEBHABHILONA

**a. Isiphi isiqephu emlandweni uPeter aqhathanisa ngaso ibandla lobuKristu njengelihlakazekile "eBhabhilona" futhi licindezelwa imibuso yasemhlabeni-na? Daniyeli 3:1-6; Esteri 3:8; 1 Peter 5:13.**

"Ezweni lapho ukukhonzwa kwezithixo kwakudlangile emhlabeni wonke, isithombe esihle nesiyigugu sisethafeni laseDura, sifanekisa inkazimulo yaseBhabhilona,…kufanele sihlukaniselwe njengento ekhulekelwayo….Kwaphuma isimemezelo sokuthi ngosuku lwethempeli lokunikela kwabo bonke kufanele kubonise ukuthembeka kwabo okuphakeme embusweni waseBhabhilona ngokukhothama phambi kwesithombe…. "Ngalolosuku lwesehlakalo amandla obumnyama abonakala ezuza isibonakaliso sokunqoba….

"Kodwa uNkulunkulu wanquma okuphambene nalokho. Asibobonke abaguqe ngedolo kumfanekiso wokukhonza zithombe zamandla omuntu….

"Ikhomba esithandweni somlilo, [iNkosi] yabakhumbuza ngesijeziso esasibalindele uma bephikelela ukwenqaba ukulalela intando yakhe. Kodwa amaHeberu afakaza ngokuqinile ukuthembeka kwawo kuNkulunkulu wasezulwini."-*Prophets and Kings*, pp. 505-507.

"Isimemezelo ekugcineni esizophuma simelene nensali yabantu bakaNkulunkulu sizofana kakhulu nalesi sikaAhashiveroshi maqondana namaJuda. Namuhla izitha zeqiniso zebandla leqiniso libonakala njengexuku elincane eligcina umthetho weSabatha, njengoMordekayi esangweni. Ukuhlonipha kwabantu bakaNkulunkulu umthetho Wakhe kungukukhuza okuqhubekayo kulabo abachitha ukwesaba iNkosi futhi benyathelela phansi iSabatha Lakhe.

"USathane uzovusa intukuthelo ukumelana nedlanzana elenqaba ukwamukela imikhuba evamile namasiko."-Ibid., p. 605.

"Amandla omhlaba nesihogo alungiselela ukumelana noKristu kubantu abangabalandeli Bakhe. Ubuhedeni babonela phambili ukuthi ivangeli uma linqoba, amathempeli akhe nama-altare azochithwa; ngakho-ke walayeza amabutho akhe ukubhubhisa ubuKristu."-*The Great Controversy,* p. 39.

**b. Kungani kukhona ukushushiswa okuncane noma akukho ezindaweni eziningi namuhla-na? Johane 15:19.**

"Kungenxa yokuthi umoya kuphela wokuzinikela esonweni, ngoba amaqiniso amakhulu ezwi likaNkulunkulu abhekwa ngokungakhathali okukhulu, ngoba ukwesaba uNkulunkulu kunamandla amancane ebandleni, nokuthi ubuKrestu bandile kakhulu emhlabeni. Makubekhona imvuselelo yokukholwa namandla ebandla lokuqala, futhi umoya wokushushisa uzovuselelwa, nomlilo wokushushisa uzokokhelwa futhi."-Ibid., p. 48.

## *Ngolwesine* **Nhlangulana 27**

### 5. IZIFUNDO EKUPHELENI KWENCWADI

**a. Ngubani owasiza uPeter lapho ekubhala incwadi yakhe-na? 1 Peter 5:12.**

**b. Sazi kanjani ukuthi uSilvanus ubeyisithunywa sevangeli esikhuthele esebenza ndawonye noPeter noPawule (okungenzeka ukuthi wabasiza ukuhumusha ulwimi lwesiGreki ekubhaleni ezinye izincwadi zakhe)? 2 Korinte 1:19; 1 Thesalonike 1:1; 2 Thesalonike 1:1. Lokhu kufana kanjani nokuphila kuka Ellen G. White-na?**

"Lapho umyeni wami esaphila, wayesebenza njengomsizi nomeluleki ekuthumeleni izigijimi ezinikezwe mina….Umlayezo engiwutholayo ngombono wawubhalwa yimi ngokwethembeka….

"Emva kwalokho sasihlolisisa udaba sindawonye, umyeni wami elungisa amaphutha aphathelene nokuhlela amagama esusa ukuphindwa kwamagama angenasidingo. Kanjalo ayefanekiswa ngokucophelela ukuze alungiselelwe abantu okukhulunywa nabo, noma ukuze zishicilelwe.

"Emva kokufa komyeni wami, abasizi abathembekile bahlanganyela nami, ababesebanza ngenkuthalo emsebenzini wokushicilela ubufakazi belungisa izinto ezizoshicilelwa.

"Kodwa imibiko ezungelezayo, yokuthi noma yimuphi umsizi wami uvumelekile ukungeza indaba noma aguqule okuchazwa isigijimi engisibhalile, ukuthi ayiyona iqiniso."-*Selected Messages*, bk. 1, p. 50.

**c. Yimuphi umkhuba wamaKrestu omuhle owamiswa ngabapostoli futhi ofanele uqhubeke phakathi kwamakholwa namuhla-na? 1 Peter 5:14.**

"Ukubingelela okungcwele…kufanele kubhekwe njalo ngesimilo sakho sangempela. *Kungukwanga okungcwele*. Kufanele kuqondwe njengophawu lokukhonza kwamaKristu nanjengomngani uma behlukana, uma behlangana futhi emva kokwehlukana amasonto noma izinyanga….Angeke kwabakhona ukubonakala kokubi lapho ukwanga okungcwele kwenzeka ngesikhathi esifanele nasendaweni elungile."-*Early Writings*, p. 117.

## *Ngolwesihlanu* **Nhlangulana 28**

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Ukuzethemba kuvame ukwandulela kanjani ukuwela esilingweni**
2. **Inkanuko yami noma isifiso sokudla singangibangela kanjani ukuba ngibe yisisulu samaqhinga kaSathane-na?**
3. **Kungani ukuzingcwelisa njalo ngokufunda iBhayibheli kungangisiza mina-na?**
4. **Chaza ukulingana phakathi kobudlelwane obuhle bomphakathi kanye nokuyekethisa okungalungile-na?**
5. **Kuyini engingakwenza ukuze ngisize ibandla lithuthuke ekusakazeni ivangeli-na?**